Paragraaf (q) van subartikel (2) van artikel 7 word gewysig ten einde beroepswedders en totalisatoroperateurs toe te laat om tydelik hul werksaamhede te bedryf vanaf enige potensiële plek anders as hul goedgekeurde perseel. Huidiglik word hulle slegs potensieel toegelaat om tydelik werksaam te wees vanaf die plek van 'n sport- of ander gebeurtenis.

Subparagraaf (g)(iii) van subartikel (3) van artikel 7 word gewysig ten einde berig te wees met die terminologie wat in die Wet op Nasionale Reguleerder vir Verpligte Spesifikasies, 2008, gebruik is.

#### **Klousule 4: Wysiging van artikel 9**

Artikel 9 handel oor onbevoegdheid om tot die Raad aangestel te word. Hierdie wysiging brei die onbevoegdheid uit tot persone wat, ten tye van die aanstelling, of tydens die voorafgaande 12 maande, werknemers van 'n munisipaliteit was.

#### **Klousule 5: Wysiging van artikel 10**

Paragraaf (b) van subartikel (3) verwyder verwysing na die aflê van eed deur 'n benoemde vir

aanstelling op die Raad, waarby die benoemde volledige besonderhede van enige skuldigbevinding moet verklaar. Dit is omdat die Lid van die Uitvoerende Raad verantwoordelik vir Dobbelary, kragtens die 2010 wetgewing, nie langer oor die bevoegdheid beskik om 'n benoemde aan te stel onder sekere omstandighede nie, ten spyte daarvan dat die benoemde andersins onbevoeg verklaar is.

**Klousule 6: Wysiging van artikel 30**

Nuwe subartikels 8, 9 en 10 verduidelik die Raad se bevoegdheid met betrekking tot die oplegging van voorwaardes van lisensie of registrasie.

**Klousule 7: Wysiging van artikel 32**

Artikel 32 handel oor onbevoegdheid vir lisensie of registrasie. Hierdie wysiging brei die onbevoegdhede uit tot persone wat, ten tye van die aanstelling, of gedurende die voorafgaande 12 maande, 'n werknemer van 'n munisipaliteit was.

**Klousule 8: Invoeging van artikel 32A in Wet 8 van 2010**

Hierdie nuwe artikel handel oor die duur van registrasie van natuurlike persoon werknemers. Huidiglik vereis werknemerregistrasies nie jaarlikse hernuwing nie, maar die nuwe klousule maak voorsiening vir hernuwing elke drie jaar, wat volg op die datum van uitreiking.

**Klousule 9: Wysiging van artikel 40**

Die wysiging (saam met ander in die Wetsontwerp) berig die Wet met die terminologie gebruik en die prosedures voorsien voor in die Wet op Nasionale Reguleerder vir Verpligte Spesifikasies, 2008.

**Klousule 10: Wysiging van artikel 43**

Hierdie klousule wysig artikel 43 deur die vervanging van subartikel (1) deur 'n nuwe subartikel wat dit duidelik maak dat lisensiehouers of geregistreerdes wat natuurlike persoon werknemers of dobbeloperateurs is, nie sodanige lisensie of registrasie kan oordra aan 'n ander natuurlike persoon nie.

Subartikel (3) word gewysig om die duidelikheid van betekenis te verbeter.

**Klousule 11: Invoeging van artikel 43A in Wet 8 van 2010**

Artikel 54, wat handel oor persone wat 'n finansiële belang verkry in 'n lisensiehouer of geregistreerde, sal herroep en vervang word deur die nuwe artikel 43A, wat ook sal handel oor persone wat 'n finansiële belang verkry in 'n lisensiehouer of geregistreerde. Huidige regsgedinge draai om die interpretasie van artikel 54. Eerstens, artikel 54 word aangetref in die hoofstuk oor casinos, wat impliseer dat dit op slegs casinos van toepassing is. Vir hierdie rede word die bepaling verskuif na 'n hoofstuk van die Wet wat van toepassing is op alle lisensiehouers en geregistreerdes. Bowendien word die bepaling, in sy huidige vorm, beskou, in die algemeen, as onvoldoende en onprakties.

**Klousule 12: Wysiging van artikel 44**

Subartikel (1) van artikel 44 word gewysig, eerstens, ten einde verwysing na geregistreerdes in te sluit en, tweedens, om die duidelikheid van die betekenis te verbeter.

Nuwe subartikels (3) en (4) word bygevoeg ten einde die Raad te bemagtig om die prosedures voor te skryf wat gevolg moet word by aansoek doen om goedkeuring van die hervestiging van die sakebedrywighede van 'n lisensiehouer of geregistreerde, vanaf een stel persele na 'n ander, en om voorsiening te maak vir die heffing van 'n fooi vir sodanige aansoeke.

**Klousule 13: Wysiging van artikel 53**

Subartikels (4) en (5) van artikel 53 word geskrap. Hierdie bepalings handel oor die wysiging, vervanging of herroeping van voorwaardes vir 'n casinolisensie. Die bepalings is oorbodig omrede die wysiging, vervanging of herroeping van voorwaardes vir alle lisensiestipes mee gehandel word in die algemene hoofstuk van die Wet wat handel oor lisensiëring en registrasie (Hoofstuk 5).

**Klousule 14: Herroeping van artikel 54**

Artikel 54 handel oor die verkryging van 'n beherende belang of 'n finansiële belang in 'n casinolisensiehouer en word vervang deur die nuwe artikel 43A, wat van toepassing is op alle lisensiehouers en geregistreerdes.

**Klousule 15: Wysiging van artikel 55**

Subartikel (1) word gewysig deur die insluiting van verwysing na "elektroniese bingoterminalle" en ander invoegings en skrapings om dit duideliker te maak wat die bepaling bedoel is om in te sluit en te reguleer.

Subartikel (2) word gewysig vir vereenvoudiging en daardeur die duidelikheid van die betekenis aansienlik te verbeter.

**Klousule 16: Wysiging van artikel 57**

Artikel 57 van die Wet word hiermee gewysig deur die skapping van subartikels (4) en (5), wat oorbodig is, weens die voorgestelde wysigings aan artikel 30 van die Wet wat handel oor lisensievoorwaardes op 'n algemene wyse, dit wil sê die gewysigde artikel is van toepassing op alle lisensietipes.

**Klousule 17: Wysiging van artikel 59**

Paragraaf (a) van artikel 59 word gewysig ten einde berig te wees met die terminologie van die Wet op Nasionale Reguleerder vir Verpligte Spesifikasies, 2008.

**Klousule 18: Wysiging van artikel 62**

Paragraaf (d) van subartikel (1) word hiermee gewysig deur die verwydering van die woorde “standaarde en”, ten einde in berigting te wees met die bepalings van die Wet op Nasionale Reguleerder vir Verpligte Spesifikasies, 2008.

Die skapping van subartikels (4) en (5), aangesien hierdie bepalings oorbodig is omrede die wysiging, vervanging of herroeping van voorwaardes van alle lisensietipes behandel word in die algemene hoofstuk van die Wet wat handel oor lisensiering en registrasie (Hoofstuk 5).

**Klousule 19: Wysiging van artikel 69**

Klousule 69 word gewysig deur die invoeging na subparagraaf (d) van 'n nuwe subparagraaf (e), wat verklaar dat “die registrasie val om hernu te word ingevolge artikel 32A.” Die belangrikheid hiervan is dat terwyl, teenswoordig, die duur van registrasie van sekere werknemers hoofsaaklik onbepaald is, met uitsondering van die ontstaan van sekere omstandighede, beperk die voorgestelde nuwe artikel 32A die registrasietydperk vir sodanige werknemers tot tussen 36 tot 48 maande, afhangend van die datum waarop die herdenking van die werknemer se verjaardsdag val.

**Klousule 20: Wysiging van artikel 77**

Subartikel (1) van artikel 77 word gewysig ten einde te vereis dat alle dobbeloperateurs

belasting in 'n rekening van die Raad inbetaal, in teenstelling met die huidige situasie waarby sommige dobbeloperateurs verplig is om belasting direk in die Provinsiale Inkomstefonds te betaal.

Artikel 77 word gewysig deur die invoeging van 'n nuwe subartikel (3), wat vereis dat die Raad 'n gedeelte van die belasting wat ontvang word versprei, soos voorgeskryf, en dat die Raad daarna die balans van die belasting in die Provinsiale Inkomstefonds inbetaal, nie later nie as 20 dae na die einde van elke kalendermaand.

'n Nuwe subartikel (3) word ingevoeg en vereis van die Raad om aan beide die Provinsiale Tesourie en die verantwoordelike Lid van die Uitvoerende Raad 'n breedvoerige verslag betreffende belasting deur die Raad ontvang en versprei, te voorsien.

#### **Klousule 21: Wysiging van artikel 78**

Klousule (2) van artikel 78 word gewysig deur die byvoeging van 'n bepaling wat hoofsaaklik uitwerking gee daaraan dat 'n lisensiehouer nou kennis gegee word voor die opskorting van 'n lisensie vir die versuim van betaling van 'n fooi, belasting of heffing, terwyl die bedoeling, teenswoordig, is dat die opskorting van lisensie vir die versuim van betaling van 'n fooi, belasting of heffing onmiddelik van krag moet wees.

#### **Klousule 22: Wysiging van artikel 89**

Paragraaf (c) van subartikel (3) van artikel 89 word hiermee gewysig om verwysing na Perdedrafsport Suid-Afrika in te sluit, bykomend tot die Nasionale Perdewedrenowerheid. Dit is die gelisensieerde renbaanoperateurs, onderskeidelik vir tuigwedrenne en volbloedwedrenne (twee vorme van professionele perdewedrenne).

Subartikel (8) word ook gewysig vir die doel om verwysing na Perdedrafsport Suid-Afrika in te sluit, bykomend tot die Nasionale Perdewedrenowerheid.

#### **Klousule 23: Herroeping van artikel 90**

Artikel 90, wat handel oor die verkryging van 'n belang in 'n renbaanoperateur word herroep ten einde 'n interne konflik te vermy omrede die nuwe artikel 43A handel oor die verkryging van 'n finansiële belang in alle lisensiehouers en geregistreerdes.

**Klousule 24: Wysiging van artikel 91**

Artikel 91 word gewysig ten einde die lisensiehernuwingstydperk vir renbaanoperateurs te berig met die van ander lisensietipes.

**Klousule 25: Wysiging van artikel 94**

Artikel 94 word gewysig, eerstens, ten einde die soorte persone wat 'n beroepswedderslisensie kan hou te verduidelik en tweedens, om die lisensiehernuwingstydperk vir beroepswedders te berig met die van ander lisensietipes.

**Klousule 26: Herroeping van artikel 97**

Artikel 97 word geskrap ten einde potensiële interne konflik op te los met ander bepalings van die Wet, wat ook handel oor verandering in eienaarskap van 'n lisensie, want hierdie bepalings handel oor verandering van eienaarskap op 'n wyse bedoel om op toepassing te wees op alle lisensietipes.

**Klousule 27: Herroeping van artikel 98**

Artikel 98 word geskrap ten einde potensiële interne konflik op te los tussen ander bepalings van die Wet wat ook handel oor verandering in direkteure van 'n maatskappy wat 'n lisensie besit, omrede hierdie bepalings handel oor sodanige veranderinge op 'n wyse bedoel om van toepassing te wees op alle lisensietipes.

**Klousule 28: Herroeping van artikel 106**

Artikel 106 word geskrap ten einde potensiële interne konflik op te los tussen ander bepalings van die Wet wat ook handel oor die registrasie van persone omrede hierdie bepalings handel oor registrasies op 'n wyse bedoel om op toepassing te wees op alle tipes van registrasie.

**Klousule 29: Wysiging van artikel 111**

Die wysiging van artikel 111 is bedoel om bykomende bevoegdhede aan die Raad te verleen in die hantering van die aanstelling en registrasie van totalisatorsoperateurs, totalisatorbestuurders en totalisatoragente, in berigting met die Raad se bestaande bevoegdhede met betrekking tot beroepsweddersbestuurders.

**Klousule 30: Herroeping van artikel 120**

Die herroeping van artikel 120 is bedoel om potensiële konflik te vermy tussen die voorgestelde

wysigings van artikel 44, wat handel oor die hervestiging van die sakebedrywe van 'n lisensiehouer of registreerde, van een stel persele na 'n ander, op 'n wyse bedoel om van toepassing te wees op alle lisensie- en registrasietipes.

**Klousule 31: Herroeping van artikel 121**

Die herroeping van artikel 121 is bedoel om potensiële konflik te vermy tussen die voorgestelde wysigings van artikel 44, wat handel oor die hervestiging van die sakebedrywe van 'n lisensiehouer of registreerde (ingesluit 'n tydelike hervestiging), vanaf een stel persele na ander, op 'n wyse bedoel om van toepassing te wees op alle lisensie- en registrasiesoorte.

**Klousule 32: Wysiging van artikel 123**

Subartikel (1) van artikel 123 word gewysig ten einde berig te wees met die terminologie gebruik in die Wet op Nasionale Reguleerder vir Verpligte Spesifikasies, 2008.

Subartikels (2), (3) en (4) van artikel 123 word gewysig ten einde duidelikheid oor die begrip van hierdie bepalings te verbeter.

'n Nuwe subartikel (5) word ingevoeg ten einde te verduidelik dat 'n goedgekeurde weergawe van 'n gerekenariseerde boekhoustelsel nie ophou om 'n goedgekeurde weergawe van 'n gerekenariseerde boekhoustelsel te wees nie, wanneer 'n nuwe weergawe van sodanige stelsel ontwikkel en goedgekeur word. Die nuwe bepaling dien ook as 'n vereiste wat op die Raad geplaas word om 'n opgedateerde register van alle goedgekeurde gerekenariseerde boekhoustelsels, insluitend elke goedgekeurde weergawe van 'n goedgekeurde gerekenariseerde boekhoustelsel, in stand te hou.

**Klousule 33: Wysiging van artikel 125**

Die wysiging van artikel 125 beperk middellike verantwoordelikheid van 'n totalisatorlisensiehouer of beroepswedder vir die handelinge en weglatings van die werknemers van sodanige totalisatorlisensiehouer of beroepswedder, tot handelinge en weglatings verwant aan die aktiwiteite bemaagtig deur die betrokke lisensie.

**Klousule 34: Wysiging van artikel 128**

Die wysiging van artikel 128 verander 'n kruisverwysing van artikel 129 na artikel 77, 'n wysiging wat voortvloeiend is uit die wysigings gemaak aan artikels 77 en 129.



**Klousule 35: Wysiging van artikel 137**

Artikel 137 word gewysig deur die vervanging van die frase “**Perdewedren- en Weddenskaptransformasiefonds**”, waar ook al dit voorkom in die artikel, met die woord “**Transformasiefonds**”. Hierdie wysigings is gekoppel aan die wysigings wat aan die omskrywings gemaak is: die omskrywing van “Perdewedren- en Weddenskapstransformasiefonds” word geskrap en ’n nuwe omskrywing van “Transformasiefonds” word ingevoeg.

**3. ORGANISATORIESE EN PERSONEELIMPLIKASIES VIR PROVINSIALE REGERING**

Geen onbehoorlike organisatoriese en personeelimplikasies word voorsien nie.

**4. FINANSIËLE IMPLIKASIES VIR PROVINSIALE REGERING**

Geen onbehoorlike finansiële implikasies word voorsien nie.

**5. DEPARTEMENTE/ LIGGAME/ PERSONE GERAADPLEEG**

Die Wetsontwerp is opgestel in oorlegpleging met –

5.1 Die KwaZulu-Natal Raad op Dobbelary en Weddery; en

5.2 Die KwaZulu-Natal Dobbelarybedryf.

**6. KONTAKPERSONE****6.1 Kantoor van die Premier**

Naam: Mnr NS Mutheiwana  
Posisie: Algemene Bestuurder: Dobbelary en Weddery  
Telefoonnommer: (033) 395 2640  
Faksnommer: (033) 342 4913  
Selfoonnommer: 082 562 8070  
e-pos: [ndanduleni.mutheiwana@kznpremier.gov.za](mailto:ndanduleni.mutheiwana@kznpremier.gov.za)

**6.2 Kantoor van die Premier**

Naam: Mnr BR Wilkinson  
Posisie: Adjunkbestuurder: Dobbelary en Weddery  
Telefoonnommer: (033) 395 2849  
Faksnommer: (033) 342 4913  
Selfoonnommer: 082 853 6774  
e-pos: [barry.wilkinson@kznpremier.gov.za](mailto:barry.wilkinson@kznpremier.gov.za)

No. 4

13 kuNhlolanja 2014

## UMTHETHOSIVIVINYO WOKUCHIBIYELA UMTHETHOWEMIDLALO WEZEMIDLALO YEMALI NOKUBHEJA WAKWAZULU-NATALI, 2013

Isaziso ngokuhambisana noMthetho 194 weMithetho Emileyo yeSishayamthetho saKwaZulu-Natali

Ngalokhu kunikezwa isaziso ngokuhambisana noMthetho 194 weMithetho EmileyoyeSishayamthetho sesiFundazwe maqondana nokuthi Umthethosivivinyo wokuChibiyela uMthetho wezeMidlalo yeMali nokuBheja waKwaZulu-Natali, 2013, njengoba uchazwe ngezansi, sewethuliwe eSishayamthethweni esibalulwe ngenhla futhi uzocutshungulwa yiKomidi Lesishayamthetho Lomnyango kaNdunankulu Nezindaba zaseNdlunkulu. Umphakathi kanye nabanye abanentshisekelo bayamenywa ukuba balethe izethulo ezimayelana nalo Mthethosivivinyo, okumele ziqondiswe ku -:

Nksz. NP Madide  
UNobhala  
ISishayamthetho saKwaZulu-Natali  
Isikhwama Seposi X 9112  
Pietermaritzburg  
3200

Email: [madiden@kznlegislature.gov.za](mailto:madiden@kznlegislature.gov.za)

ukuze zifinyelele kuye zingakapheli izinsuku eziyi-15 kusukela ngosuku okushicilelwe ngalo lesi saziso

N NAIDOO  
UNobhala weSishayamthetho saKwaZulu-Natali

**UMTHETHOSIVIVINYO  
WOKUCHIBIYELA UMTHETHO WEZEMIDLALO YEMALI NOKUBHEJA WAKWAZULU-  
NATALI, 2013**

**IZINCAZELO EZEJWAYELEKILE:**

- [    ] Amagama abhalwe ngokugqamile kubakaki abayizikwele akhombisa okususiwe emthethweni okhona  
 \_\_\_\_\_ Amagama adwetshelwe ngomugqa ohlangene akhombisa okufakiwe emthethweni okhona

**UMTHETHOSIVIVINYO**

**Wokuchibiyela uMthetho wezeMidlalo yeMali nokuBheja waKwaZulu-Natali, 2010, ukuze kuchitshiyelwe umbhalo; wokufaka izincazelo nezinhlinzeko ezintsha; nokuhlinzekela okunye okuphathelene nalokho.**

MAWUMISWE yisiShayamthetho sesiFundazwe saKwaZulu-Natali, kanje:-

**Ukuchitshiyelwa kwesigaba 1 soMthetho 8 ka 2010**

1. Ngalokhu kuchitshiyelwa isigaba 1 soMthetho wezeMidlalo yeMali nokuBheja waKwaZulu-Natali, 2010 (uMthetho No. 8 ka 2010), ngemuva kwalokhu ozobizwa ngoMthetho omkhulu –

- (a) ngokuthi kufakwe esikhundleni sencazelo yegama “ibhingo” le ncazelo elandelayo:

“**ibhingo**” kushiwo umdlalo, **[ohlelwe njengento eyenziwa iqoqo labantu, lapho abadlali abaningi beqhudelana khona, kubandakanya umdlalo] okungaba** uwonke, noma ingxenye yawo idlalwa ngemishini kagesi, **noma ngenye indlela** –

- (a) **[odlalwa]** ngokuthi kusetshenziswe amakhadi noma ezinye isigqebhezana zokudlala, **kubandakanya izigqebhezana ezimele amakhadi** –

(i) ahlukaniswe ngezikhala ezinezinombolo, ezinezithombe noma ezinezimpawu ezahlukene; futhi

(ii) **[anezinombolo] lezo zinombolo, [anezithombe] lezo zithombe** noma

**[anezimpawu] lezo zimpawu** ezihlelwe ngendlela exovekile ukuze ikhadi ngalinye noma isigqebhezana sokudlala sibe nezinombolo, nezithombe noma nezimpawu zaso sodwa;

- (b) lapho **[umqhubi noma omemezelayo ebiza noma eveza] kuvezwa noma kubizwa** izinombolo, izithombe noma izimpawu eziningi ngendlela exovekile bese **[abadlali beqhathanisa lezo zinombolo, lezo zithombe noma lezo zimpawu] lezo zinombolo, lezo zithombe, lezo zimpawu ziqhathaniswa** ngendlela efanele

ekhadini noma esigqebhezaneni sokudlala njengoba zibiziwe noma ziveziwe; futhi

(c) lapho umdlali **[oba owokuqala]** okhadi lakhe noma osigqebhezana sakhe sokudlala siba ngesokuqala ukuqondana nazo zonke izikhala, noma [oqondanisa] okhadi lakhe noma osigqebhezana sakhe sokudlala siqondana nezinombolo ezithile, nezithombe ezithile noma nezimpawu ezithile **[ekhadini noma esigqebhezaneni sokudlala]**, uthola umklomelo noma imiklomelo,

nanoma imuphi omunye umdlalo odlalwayo omenyenzelwa njengomdlalo webhingo ngokuhambisana nesigaba 6(4)(b) soMthetho wezokuGembula kaZwelonke, 2004 (uMthetho No. 7 ka 2004);

(b) ngokuthi kufakwe ngemuva kwencazelo yegama "ilayisensi yebhingo" le ncazelo elandelayo:

**"isihlalo sebhingo"** kushiwo indawo eyodwa yokuhlala egumbini lebhingo;

(c) ngokuthi kufakwe esikhundleni sencazelo yegama "ubhukhi" le ncazelo elandelayo:

**"ubhukhi"** kushiwo umuntu **[onikezwe]** ilayisensi ngokwesigaba 94, yokwamukela okukhishwayo noma iziteki ngenhloso yokubhejisa emjahweni wamahashi, kwezemidlalo, emcimbini wezemidlalo nakunoma imuphi umcimbi noma umbuthano noma kwinhlanganisela yaleyo mijaho yamahashi, yemidlalo, yemicimbi yezemidlalo noma yeminye imicimbi noma imibuthano;

(d) ngokuthi kufakwe ngemuva kwencazelo yegama "ikomidi" le ncazelo elandelayo:

**"amazinga ayimpogo"** kushiwo amazinga ayimpogo njengoba kuchazwe esigabeni 1 soMthetho woHlaka oluLawula amaZinga ayiMpogo lukaZwelonke, 2008 (uMthetho No. 5 ka 2008);

**"ukuhlola ukuhambisana namazinga ayimpogo"** kushiwo ukuhlola ukuhambisana namazinga ayimpogo njengoba kuchazwe esigabeni 1 soMthetho woHlaka oluLawula amaZinga ayiMpogo lukaZwelonke, 2008 (uMthetho No. 5 ka 2008);

**"ohlinzeka ngemisebenzi yokuhlola ukuhambisana namazinga ayimpogo"** kushiwo umuntu owenza umsebenzi wokuhlola ukuhambisana namazinga ayimpogo egameni loHlaka oluLawula amaZinga ayiMpogo lukaZwelonke, ngokwesivumelwano okungenwe kusona phakathi kwalowo muntu noHlaka oluLawula amaZinga ayiMpogo lukaZwelonke;

(e) ngokuthi kufakwe esikhundleni sencazelo yegama "inkampani" le ncazelo elandelayo:

**"inkampani"** kushiwo inkampani ebhaliswe ngokoMthetho weziNkampani, [1973] 2008 (uMthetho No. [61] 71 ka [1973] 2008), noma ibhizinisi lababambisene [, noma eyasungulwa ngokuhambisana ne-Odinensi yokuLawula ezemiJaho yamaHhashi, 1957 (i-Odinensi No. 28 ka 1957), noma inkampani ezimele ebhaliswe ngokoMthetho weziNkampani eziziMele, 1984 (uMthetho No. 69 ka 1984)];";

(f) ngokuthi kufakwe ngemuva kwencazelo yegama "umshini wokudlala" le ncazelo elandelayo:

**"indawo yokudlala"** kushiwo –

(a) umshini wokudlala owakhelwe ukusetshenziswa umuntu oyedwa kuphela;

(b) ingxenye yomshini wokudlala owakhelwe ukusetshenziswa abantu abangaphezu koyedwa, kodwa ekwazi ukufaka umuntu oyedwa kuphela ukuba adlale;

(c) ingxenye yomshini wokudlala evumela kuphela ukuba kudlale umuntu oyedwa; noma

(d) isihlalo noma indawo yokuma ezakhiweni ezinelayisensi, evumela kuphela ukuba kudlale umuntu oyedwa;";

(g) ngokuthi kwesulwe incazelo yegama **"[isiKhwama sokuGuqula ezeMijaho yamaHhashi nezokuBheja]";**

(h) ngokuthi kufakwe esikhundleni sencazelo yegama "umqhubi wendawo ozimele" le ncazelo elandelayo:

**"umqhubi wendawo ozimele"** kushiwo umqhubi wendawo ongahlangene nomqhubi womzila futhi onelayisensi [yobunikazi] yokuqhuba imishini yokudlala ekhokha isamba esithile endaweni [eyodwa futhi obhekele ukunakekela imishini, ukuqoqa izimali ezidlaliwe nokukhokha intela nezinye izimali ezikhokhwayo];";

(i) ngokuthi kufakwe ngemuva kwencazelo yegama "umhloli" le ncazelo elandelayo:

**"isitifiketi sencwadi yemvume"** kushiwo isitifiketi esikhishwe uHlaka oluLawula amaZinga ayiMpoqo lukaZwelonke, njengoba kuhlangozwe esigabeni 5(2)(f) soMthetho woHlaka oluLawula amaZinga ayiMpoqo lukaZwelonke, 2008 (uMthetho No. 5 ka 2008), esigunyaza impahla noma imikhigizo ukuba idayiswe noma ihlinzekwe;";

(j) ngokuthi kufakwe esikhundleni sencazelo yegama "uMaziphathe wezemijaho yamaHhashi kaZwelonke" le ncazelo elandelayo:

“**uMaziphathe wezemiJaho yamaHhashi kaZwelonke**” kushiwo umgwamanda osemthethweni olawula umdlalo womjaho wamahhashi kwiRiphabhulikhi yaseNingizimu Afrika;”;

(k) ngokuthi kufakwe ngemuva kwencazelo yegama “uMaziphathe wezemiJaho yamaHhashi kaZwelonke” le ncazelo elandelayo:

“**i-NRCS**” kushiwo uHlaka oluLawula amaZinga ayiMpoqo lukaZwelonke olusungulwe ngokwesigaba 3(1) soMthetho woHlaka oluLawula amaZinga ayiMpoqo lukaZwelonke, 2008 (uMthetho No. 5 ka 2008);”;

(l) ngokuthi kufakwe esikhundleni sencazelo yegama “umuntu” le ncazelo elandelayo:

“**umuntu**” kushiwo umuntu qobo [**noma ngokomthetho, iqoqo labantu**] noma inkampani, ngaphandle uma ingqikithi isho okwehlukile;”;

(m) ngokuthi kufakwe esikhundleni sencazelo yegama “ukushicilela” le ncazelo elandelayo:

“**ukushicilela**” kubandakanya, ngaphandle uma ingqikithi isho okwehlukile, ukukhangisa, ukusabalalisa, ukumemezela noma ukwenza ukuthi kukhangiswe noma kusatshalaliswe noma kumenyenzelwe nganoma iyiphi indlela;”;

(n) ngokuthi kufakwe esikhundleni sencazelo yegama “obhalisile” le ncazelo elandelayo:

“**obhalisile**” kushiwo umuntu onesitifiketi esisemthethweni sokubhaliswa noma onesitifiketi sesikhashana sokubhaliswa esikhishwe ngokwalo Mthetho;”;

(o) ngokuthi kufakwe esikhundleni sencazelo yegama “umqhubi womzila” le ncazelo elandelayo:

“**umqhubi womzila**” kushiwo umuntu othole ilayisensi ngokwalo Mthetho ukuze ahlinzeke imishini yokudlala ekhokha isamba esithile kubaqhubi bezindawo nokuqhuba eminye imisebenzi enqunyiwe;”;

(p) ngokuthi kufakwe ngemuva kwencazelo yegama “SABS” le ncazelo elandelayo:

“**i-SANS**” kushiwo iZinga likaZwelonke eNingizimu Afrika eligunyazwe uPhiko olubhekele amaZinga eMpahla lwaseNingizimu Afrika ngokuhambisana noMthetho wamaZinga eMpahla ka 2008;”;

“**uMthetho weZabelo**” kushiwo uMthetho weZabelo, 2004 (uMthetho No. 36 ka 2004);”;

(q) ngokuthi kufakwe esikhundleni sencazelo yegama “umqhubi wendawo” le ncazelo elandelayo:

“**umqhubi wendawo**” kushiwo umuntu ogunyazwe ukugcina nokuqhuba



imishini yokudlala ekhokha isamba esithile **[ezakhiweni zakhe]** ngokwelayisensi ekhishwe ngokuhambisana nalo Mthetho;”;

(r) ngokuthi kufakwe ngemuva kwencazelo yegama “ukubhejela imidlalo” lencazelo elandelayo:

“**umjaho wamahhashi omtelebhelo**” kushiwo umjaho wamahhashi lapho amahhashi omtelebhelo engancintisana khona, ngaphansi kwemithetho ye-Trotting South Africa: Kuncike ekutheni umjaho wamahhashi lapho wonke amanye amahhashi encintisana ngokutelebhelwa, ngokwemithetho ye-Trotting South Africa, uthathwa ngokuthi umjaho wamahhashi omtelebhelo, ngokwenhloso yalo Mthetho;”;

(s) ngokuthi kufakwe ngemuva kwencazelo yegama “lo Mthetho” le ncazelo elandelayo:

“**umjaho wamahhashi omjaho**” kushiwo umjaho wamahhashi lapho kungancintisana khona amahhashi omjaho kuphela, agitshelwayo ukuze agijime, umuntu onelayisensi ayinikezwe uMaziphathe wezemiJaho yamaHhashi kaZwelonke, ngokwemithetho yalowo maziphathe;”;

(t) ngokuthi kufakwe ngemuva kwencazelo yegama “umqhubi wethotho” le ncazelo elandelayo:

“**i-ejensi yomqhubi wethotho**” kushiwo izakhiwo zomqhubi wethotho lapho i-ejenti yomqhubi wethotho iqhubela khona i-ejensi yomqhubi wethotho, ngokwesivumelwano phakathi komqhubi wethotho naleyo ejenti yomqhubi wethotho;”;

(u) ngokuthi kufakwe esikhundleni sencazelo yegama “i-ejenti yomqhubi wethotho” le ncazelo elandelayo:

“**i-ejenti yomqhubi wethotho**” kushiwo umuntu oqokiwe, ngokwenkontileka kodwa okungesiyona inkontileka yokugashwa nangokwesigaba 111(1)(b)(ii), umqhubi wethotho onelayisensi, ukuba aqhube i-ejensi yalowo mqhubi wethotho onelayisensi;”;

(v) nangokuthi kufakwe ngemuva kwencazelo yegama “**izakhiwo zomqhubi wethotho**” le ncazelo elandelayo:

“**IsiKhwama soGuguko**” kushiwo isikhwama esisungulwe ngokwesigaba 137 soMthetho; kanti

“**i-Trotting South Africa**” kushiwo umgwamanda osemthethweni, owemukelwe ngokusemthethweni yi-International Trotting Association, olawula umdlalo wemijaho yamahhashi omtelebhelo kwiRiphabhuliki yaseNingizimu Afrika.”.

### Ukuchitshiyelwa kwesigaba 6 soMthetho 8 ka 2010

#### 2. Ngalokhu kuchitshiyelwa isigaba 6 soMthetho omkhulu –

(a) ngokuthi kufakwe esikhundleni sendima (c) yesigatshana (1) le ndima elandelayo:

"(c) ukugqugquzela amathuba abantu ababencishwe amathuba phambilini okuba babambe iqhaza **[emjahweni wamahhashi nasembonini yezokubheja]** embonini yezokubheja yesiFundazwe [njenganoma yibaphi abantu okudingeka ukuba anikezwe ilayisensi noma abhaliswe ngokwesigaba 89, 94, 103, 110 noma 111] njengabanikazi bamalayisensi kanye nababhalise ngaphansi kwalo Mthetho;";

(b) nangokuthi kufakwe esikhundleni sendima (d) yesigatshana (1) le ndima elandelayo:

"(d) ukukhulisa inani lobunikazi beziteki labantu ababencishwe amathuba phambilini **[emijahweni yamahhashi kanye nasembonini yezokubheja]** embonini yezokubheja yesiFundazwe;";

(c) nangokuthi kufakwe esikhundleni sesigatshana (3) lesi sigatshana esilandelayo:

"(3) ILungu loMkhandlu oPhethe linganikeza iBhodi imiyalelo ephathelene nezinjongo zeBhodi ezihlongozwe **[esigatshaneni]** ezindimeni [(1)](c), (d), (e) no (f) zesigatshana (1).".

### Ukuchitshiyelwa kwesigaba 7 soMthetho 8 ka 2010

#### 3. Ngalokhu kuchitshiyelwa isigaba 7 soMthetho omkhulu –

(a) ngokuthi kufakwe esikhundleni sendima (q) yesigatshana (2) le ndima elandelayo:

"(q) ukugunyaza, ngemibandela noma ngaphandle kwemibandela, noma ukuchitha isicelo esenziwe ngendlela enqunyiwe, umuntu onelayisensi ngokwesigaba **[89,]** 94 noma 110, **[ngokuhambisana nesigaba 121,]** ukuba abheje okwesikhashana, isikhathi esinqunyiwe, kunoma iyiphi indawo esiFundazweni [yemicimbi yezemidlalo noma yeminye imicimbi];"; kanye

(b) nangokuthi kufakwe esikhundleni sendinyana (iii) yendima (g) yesigatshana (3) le ndinyana elandelayo:

"(iii) yonke impahla yemidlalo yemali noma umshini ngamunye wokudlala noma umshini okhokha isamba esithile osetshenziswayo, noma owethulwa umnikazi welayisensi ukuba usetshenziswe, **[ubhalisiwe futhi unesitifiketi ngokoMthetho wezokuGembula waseNingizimu Afrika]** uyahlangabezana namazinga ayimpoqo futhi ubhalisiwe yiBhodi ngokuthi ukhishelwe isitifiketi sencwadi yemvume esisemthethweni.".

**Ukuchitshiyelwa kwesigaba 9 soMthetho 8 ka 2010**

4. Ngalokhu kuchitshiyelwa isigaba 9 soMthetho omkhulu ngokuthi kufakwe esikhundleni sendima (c) yesigatshana (1) le ndima elandelayo:

"(c) ngesikhathi eqokwa, noma ezinyangeni eziyi-12 ezedlule –

(i) ubengumuntu ohlongozwe esigabeni 8(1) soMthetho wemiSebenzi kaHulumeni, 1994 (iSimemezelo No. 103 sika 1994);[noma]

(ii) ubenesikhundla ngokwezepolitiki; noma

(iii) ubesebenzela umasipala;".

**Ukuchitshiyelwa kwesigaba 10 soMthetho 8 ka 2010**

5. Ngalokhu kuchitshiyelwa isigaba 10 soMthetho omkhulu nokuthi kufakwe esikhundleni sendima (b) yesigatshana (3) le ndima elandelayo –

(b) incwadi efungelwe ngophakanyisiwe lapho ophakanyisiwe enika khona isiqinisekiso esifungelwe ngokuthi akahoxisiwe ngokwesigaba 9[: **Kuncike ekutheni uma ophakanyisiwe eke walahlwa yicala ngokwephula umthetho ohlongozwe esigabeni 9(1)(j), lowo ophakanyisiwe kumele ahlinzeke incwadi efungelwe edalula imininingwane ephelele mayelana nokulahlwa kwakhe yicala futhi anikeze isiqinisekiso esifungelwe sokuthi akahoxisiwe ngokwanoma yiziphi ezinye izinhlinzeko zesigaba 9];**";

**Ukuchitshiyelwa kwesigaba 30 soMthetho 8 ka 2010**

6. Ngalokhu kuchitshiyelwa isigaba 30 soMthetho omkhulu ngokuthi kufakwe ngemuva kwesigatshana (7) lezi zigatshana ezilandelayo:

"(8) IBhodi, ngemuva kokunikeza umnikazi welayisensi noma obhalisile ithuba lokwenza izethulo, ingabeka imibandela ecacile nesobala, enezilinganiso ezifanele futhi ezifezekayo, uma isikhipha noma iyiphi ilayisensi noma isitifiketi sokubhalisa, noma uma ivuselela noma iyiphi ilayisensi noma isitifiketi sokubhalisa.

(9) Umnikazi welayisensi noma obhalisile angafaka isicelo noma inini kwiBhodi sokuba kuchitshiyelwe, kushintshwe noma kuhoxiswe noma imuphi umbandela, kanti iBhodi ingasemukela noma isichithe leso sicelo: Kuncike ekutheni uma kwenzeka ukuthi ukuchitshiyelwa, ukushintshwa noma ukuhoxiswa noma imuphi umbandela ohambisana nelayisensi kungaphazamisa ukufezekiswa nokugququzelwa kwezinhloso zeBhodi ngokwesigaba 6 soMthetho, iBhodi ingachibiyela, ingashintsha noma ingahoxisa lowo mbandela, kuphela ngokubonisana neLungu loMkhandlu

oPhethe.

(10) Uma isicelo sesigunyaziwe, isiKhulu esiPhezulu kumele sigunyaze ukufakwa kwaleso sichibiyelo, lolo shintsho noma lokho kuhoxiswa kwilayisensi noma esitifiketini sokubhalisa."

#### **Ukuchitshiyelwa kwesigaba 32 soMthetho 8 ka 2010**

7. Ngalokhu kuchitshiyelwa isigaba 32 soMthetho omkhulu ngokuthi kufakwe esikhundleni sendima (a) yesigatshana (1) le ndima elandelayo:

- "(a)(i) ungumuntu ohlongozwe esigabeni 8(1) soMthetho wemiSebenzi kaHulumeni, 1994 (iSimemezelo No. 103 sika 1994), noma unikezwe amandla okuthatha izinqumo noma ijoka lokuqapha ubugebengu mayelana nokugembula noma nokulawulwa kwakho; **[noma]**
- (ii) unesikhundla ngokwezepolitiki; noma
- (iii) ungumsebenzi kamasipala;"

#### **Ukufakwa kwesigaba 32A soMthetho 8 ka 2010**

8. Ngalokhu kufakwa lesi sigaba esilandelayo emthethweni okhona ngemuva kwesigaba 32

—

#### **"Isikhathi sokubhaliswa kwabasebenzi**

32A.(1) Isitifiketi sokubhaliswa komsebenzi, ngaphandle uma sisulwa yiBhodi, sisebenza isikhathi okungenani esiyizinyanga ezingama-36 kusukela osukwini esikhishwe ngalo.

(2) Uma sekuphele izinyanga ezingama-36 ezihlongozwe esigatshaneni (1), isitifiketi sokubhaliswa siyaqhubeka nokusebenza isikhathi esithile, kuze kushaye usuku lokugcina lwenyanga azalwa ngayo umsebenzi obhalisiwe, ngemuva kosuku lokuzalwa olulandelayo lomsebenzi obhalisile.

(3) Lesi sigaba sisebenza kubona bonke abantu ababhalisile abaqashwe abanikazi bamalayisensi noma abantu ababhalisile."

**Ukuchitshiyelwa kwesigaba 40 soMthetho 8 ka 2010**

9. Ngalokhu kuchitshiyelwa isigaba 40 soMthetho omkhulu ngokuthi kufakwe esikhundleni sendinyana (ii) yendima (g) yesigatshana (1) le ndinyana elandelayo:

"(ii) ongahlangabezani ngandlela zonke **[namazinga namaqophelo kazwelonke]** namazinga ayimpogo abekiwe noma namazinga namaqophelo anqunywe yiBhodi; noma".

**Ukuchitshiyelwa kwesigaba 43 soMthetho 8 ka 2010**

10. Ngalokhu kuchitshiyelwa isigaba 43 soMthetho omkhulu –

(a) ngokuthi kufakwe esikhundleni sesigatshana (1) lesi sigatshana esilandelayo:

"(1) Umnikazi welayisensi noma obhalisile ongeyena umsebenzi welayisensi noma womuntu obhalisile, noma nini angafaka isicelo kwiBhodi sokuthi leyo layisensi [yakhe] noma lesi sitifiketi sokubhaliswa sidluliselwe komunye umuntu futhi, uma kuba njalo, kuyosebenza izinhlinzeko zezigaba 30, 31, 32, 33, 34, 35, 36, 37 no 38 nezinguquko ezidingekayo.";

(b) nangokuthi kufakwe esikhundleni sesigatshana (3) lesi sigatshana esilandelayo:

"(3) Uma isicelo sigunyaziwe, isikhulu esiPhezulu kumele **[sishintshe igama lomnikazi welayisensi ngendlela efanele kwilayisensi]** sikhiphe ilayisensi noma isitifiketi sokubhaliswa njengoba kungaba njalo, kumnikazi omusha welayisensi noma wesitifiketi sokubhaliswa."

**Ukufakwa kwesigaba 43A soMthetho 8 ka 2010**

11. Ngalokhu kufakwa lesi sigaba esilandelayo eMthethweni omkhulu ngemuva kwesigaba 43 –

**"Ukuhlomula ngokwezezimali**

**43A.(1)** IBhodi kumele izikhathi ngezikhathi nangohlelo oluthile iqinisekise ukuthi abantu abahlomulayo ngokwezezimali kumnikazi welayisensi noma kumuntu obhalisile akubona abantu abangakufanele ukuhlomula kanjalo, ngokwezinhlinzeko zesigaba 32 soMthetho.

(2) Ngokwezinhloso zalesi sigaba, ukuhlomula ngokwezezimali akubandakanyi –

(a) ukuhlomula ngandlela thile kunoma iziphi izimali noma utshalomali uma umuntu onaleso sikhundla engenawo amandla ekuthathweni kwezingqumo zokutshalwa kwezimali mayelana naleso sikhwama noma mayelana nalolo tshalomali;

(b) nanoma ikuphi ukuhlomula kwingeniso eqhamuka kwinkontileka yokuhlinzekwa kwezidingo noma komsebenzi nomnikazi welayisensi noma nomuntu obhalisile.

(3) Kuyicala kumnikazi welayisensi noma kumuntu obhalisile ukwehluleka ukudalula kwiBhodi imininingwane yanoma ikuphi ukuhlomula ngokwezezimali kwanoma imuphi umuntu okungamaphesenti ayisihlanu noma ngaphezulu kulowo mnikazi welayisensi noma lowo muntu obhalisile, uma sekwedlule izinsuku ezingama-30 lowo mnikazi welayisensi noma lowo muntu obhalisile etholile ukuthi kunalokho kuhlomula, noma okulindeleke ukuthi ngabe wazile ngalokho kuhlomula: Kuncike ekutheni inkampani enezabelo ehweba ngazo kunoma iziphi izimakethe, kudingeka ukuthi ithole ngalokho kuhlomula bese ibika ngakho, njalo ngemuva kwezinyanga eziyisithupha uma sekukhishwe ilayisensi noma isitifiketi sokubhaliswa saleyo nkampani.

(4) Uma umnikazi welayisensi noma obhalisile kuyinkampani ebhalise izabelo zayo ehweba ngazo kunoma iziphi izimakethe, ngaphezu kwesaziso esihlongozwe kwisigatshana (3), lowo mnikazi welayisensi noma obhalisile kumele kanye nalokho athumele kwiBhodi irejista yalezo zabelo evuselelwe.

(5) Oqala ukuhlomula ngokwezezimali ngqo kumnikazi welayisensi noma kobhalisile, kudingeka ukuba adalule kwiBhodi imininingwane yalokho kuhlomula, ezinsukwini ezingama-60 kuqale lokho kuhlomula, ngendlela enqunywe yiBhodi.

(6) Ohlomulayo ngokwezezimali kumnikazi welayisensi noma kobhalisile ngamaphesenti ayisihlanu noma ngaphezulu ebhizinisini lomnikazi welayisensi noma lomuntu obhalisile, kumele afake isicelo sokugunyazwa ukuqhubeka nalokho kuhlomula, ngokulandela izinqubo kanye nezidingo ezihlongozwe ezigabeni 32, 33, 34, 35, 36, 37 no 38, eziyosebenza esicelweni, nezinguquko ezidingekayo.

(7) Uma iBhodi isola, ngezizathu ezizwakalayo nezifanele, ukuthi ohlomulayo ngokwezezimali kumnikazi welayisensi noma kobhalisile, uhlomula ngamaphesenti angaphansi kwayisihlanu ebhizinisini lomnikazi welayisensi noma lobhalisile, angengatshelwa, ngokwesigaba 32, ukuba aqhubeke nalokho kuhlomula ngokwezezimali, lowo muntu angacelwa yiBhodi ukuba afake isicelo sokugunyazwa ukuba aqhubeke nokuhlomula ngokwezezimali, ngokulandela izinqubo nezidingo ezihlongozwe esigabeni 32, 33, 34, 35, 36, 37 no 38, eziyosebenza esicelweni,

nezinguquko ezidingekayo.

(8) Ngokwenhloso yalesi sigaba –

"izimakethe" uma lisetshenziswa njengebizo, kushiwo izimakethe njengoba kuchazwe esigabeni 1 soMthetho weZabelo, 2004 (uMthetho No. 36 ka 2004);

"izabelo ezibhalisiwe" kushiwo izabelo ezibhalisiwe njengoba kuchazwe esigabeni 1 soMthetho weZabelo, 2004;

"inkampani" kushiwo noma iyiphi inkampani njengoba kuchazwe esigabeni 1 soMthetho weZabelo, 2004;

"izabelo" kushiwo izabelo njengoba kuchazwe esigabeni 1 soMthetho weZabelo, 2004; kanti

"irejista yezabelo" kushiwo irejista yezabelo njengoba kuchazwe esigabeni 1 soMthetho weziNkampani, 2008 (uMthetho No. 71 ka 2008)."

#### **Ukuchitshiyelwa kwesigaba 44 soMthetho 8 ka 2010**

**12.** Ngalokhu kuchitshiyelwa isigaba 44 soMthetho omkhulu –

(a) ngokuthi kufakwe esikhundleni sesigatshana (1) lesi sigatshana esilandelayo:

"(1) Umnikazi welayisensi noma obhalisile, noma nini, angafaka isicelo sokugunyazwa ukushintsha **[ukususa]**, okungaba okwesikhashana noma unomphelo, indawo yokusebenza yebhizinisi **[lakhe]** lomnikazi welayisensi noma lobhalisile, lisuka ezakhiweni ezibhalwe kwilayisensi noma esitifiketini sokubhaliswa liyiswa kwezinye izakhiwo.";

(b) nangokuthi kufakwe ngemuva kwesigatshana (3) lesi sigatshana esisha esilandelayo:

"(4) IBhodi kumele inqume inqubo okumele ilandelwe uma kwenziwa isicelo sokugunyazwa esihlongozwe kwisigatshana (1).

(5) Isicelo esihlongozwe kwisigatshana (1) kumele sihambisane nemali ekhokhwayo enqunywe oHlelweni 2."

**Ukuchitshiyelwa kwesigaba 53 soMthetho 8 ka 2010**

13. Ngalokhu kuchitshiyelwa isigaba 53 soMthetho omkhulu ngokuthi kususwe isigatshana (4) no (5).

**Ukuchithwa kwesigaba 54 soMthetho 8 ka 2010**

14. Ngalokhu kususwa isigaba 54 soMthetho omkhulu.

**Ukuchitshiyelwa kwesigaba 55 soMthetho 8 ka 2010**

15. Ngalokhu kuchitshiyelwa isigaba 55 soMthetho omkhulu –

(a) ngokuthi kufakwe esikhundleni sesigatshana (1) lesi sigatshana esilandelayo:

"(1) Akekho umuntu ongaba nezakhiwo lapho kudlalwa khona imishini yokudlala, amatheminali kagesi okudlala ibhingo noma imishini ekhokha isamba esinqunyiwe ngaphandle uma lowo muntu onelayisensi esemthethweni [yekhasino, enelayisensi yomqhubi wendawo ozimele noma enelayisensi yomqhubi wendawo] ekhishwe ngokwalo Mthetho."; futhi

(b) nangokuthi kufakwe esikhundleni sesigatshana (2) lesi sigatshana esilandelayo:

"(2) Akekho umuntu [–

**(a) ongafaka imishini yokudlala noma imishini ekhokha isamba esithile ezakhiweni ezinelayisensi ukuze idlalwe;**

**(b) ongalungisa noma ongakhanda, ashintshe noma aphucule imishini yokudlala noma imishini ekhokha isamba esithile kuleso sakhiwo;] ongasebenzisa amalungelo noma**

**[(c)] enze noma imiphi [eminye] imisebenzi enqunyiwe [yomqhubi womzila, ngaphandle uma lowo muntu enelayisensi yekhasino, enelayisensi yomqhubi wendawo noma enelayisensi yomqhubi wendawo ozimele] yomnikazi welayisensi, ngaphandle uma lowo muntu enelayisensi esemthethweni ekhishwe ngokwalo Mthetho."**

**Ukuchitshiyelwa kwesigaba 56 soMthetho 8 ka 2010**

16. Ngalokhu kuchitshiyelwa isigaba 56 soMthetho omkhulu ngokuthi kususwe izigatshana (4) no (5).



**Ukuchitshiyelwa kwesigaba 59 soMthetho 8 ka 2010**

17. Ngalokhu kuchitshiyelwa isigaba 59 soMthetho omkhulu ngokuthi kufakwe esikhundleni sendima (a) le ndima elandelayo:

"(a) wakhiwe noma uwuhlobo olungahambisani [**namazinga noma namaqophelo kazwelonke**] namazinga ayimpoqo asebenzayo noma, uma kungekho [**mazinga noma maqophelo kazwelonke**] mazinga ayimpoqo asebenzayo, ungangabazani namazinga [**kanye**] noma namaqophelo anqunywe yiBhodi,".

**Ukuchitshiyelwa kwesigaba 62 soMthetho 8 ka 2010**

18. Ngalokhu kuchitshiyelwa isigaba 62 soMthetho omkhulu –

(a) ngokuthi kufakwe esikhundleni sendima (d) yesigatshana (1) le ndima elandelayo:

"(d) [**amazinga kanye**] izidingo eziphathele nempahla yemidlalo yemali ebekwe, esetshenziswa futhi eqhutshwa egumbini lebhingo;"

(b) nangokususwa kwezigatshana (4) no (5)."

**Ukuchitshiyelwa kwesigaba 69 soMthetho 8 ka 2010**

19. Ngalokhu kuchitshiyelwa isigaba 69 soMthetho omkhulu –

(a) ngokuthi kususwe igama "noma" ngemuva kwendima (c);

(b) ngokuthi kufakwe igama "noma" ngemuva kwendima (d);

(c) nangokuthi kufakwe ngemuva kwendima (d) le ndima entsha elandelayo:

"(e) ukubhaliswa kudingeka kuvuselelwe ngokwesigaba 32A."

**Ukuchitshiyelwa kwesigaba 77 soMthetho 8 ka 2010**

20. Ngalokhu kuchitshiyelwa isigaba 77 soMthetho omkhulu –

(a) ngokuthi kufakwe esikhundleni sesigatshana (1) lesi sigatshana esilandelayo:

"(1) Bonke abantu abanamalaysensi ngokwalo Mthetho kumele [**kuncike esigabeni 129,**] bakhokhe izintela ezinqunyiwe ngokoMthetho weNtela yemiDlalo yeMali nokuBheja waKwaZulu-Natali, 2010, [**kwisiKhwama seNgeniso yesiFundazwe**] kwiBhodi, ngendlela enqunyiwe futhi ngesikhathi esifanayo, kumele bahambise izincwadi zentela kwiBhodi ngendlela enqunyiwe."

(b) nangokuthi kufakwe esikhundleni sesigatshana (2) lezi sigatshana ezilandelayo:

"(3) IBhodi kumele ikhokhise zonke izimali zentela ezitholakele, njengoba kunqunywe eMthethweni weNtela yemiDlalo yeMali nokuBheja waKwaZulu-

Natali, 2010, futhi kumele ngemuva kwalokho ikhokhe izimali ezisele zentela esiKhwameni seNgeniso sesiFundazwe, ngendlela enqunyiwe: Kuncike ekutheni ukukhokhwa kwentela esiKhwameni seNgeniso yesiFundazwe kumele kwenziwe ezinsukwini ezingama-20 kuphele inyanga ngayinye.

(4) Ngesikhathi iBhodi ikhokha izintela esiKhwameni seNgeniso sesiFundazwe ngokwesigatshana (3), iBhodi kumele ihlinzeke umgcinimafa kanjalo neLungu loMkhandlu oPhethe ngombiko ochaza kabanzi mayelana nentela etholakele futhi ekhishwe yiBhodi, ngendlela enqunyiwe."

#### **Ukuchitshiyelwa kwesigaba 78 soMthetho 8 ka 2010**

21. Ngalokhu kuchitshiyelwa isigaba 78 soMthetho omkhulu ngokuthi kufakwe esikhundleni sesigatshana (2) lesi sigatshana esilandelayo:

"(2) Uma ilayisensi imisiwe ngokwalesi sigaba, imisebenzi egunyazwa yilayisensi **[nayo kumele imiswe]** kumele ingaqhubeki: Kuncike ekutheni ukumiswa kwaleyo misebenzi kungenziwa kuphela iBhodi, emahoreni angama-24 ngemuva kokuba iBhodi yazise umnikazi welayisensi noma obhalisile, ngencwadi, ngokwehluleka ukukhokha kwalowo mnikazi welayisensi noma lowo obhalisile izimali ezikhokhwayo, intela noma ilevi, kanjalo nenhlawulo enqunyiwe, engakapheli amahora angama-24."

#### **Ukuchitshiyelwa kwesigaba 89 soMthetho 8 ka 2010**

22. Ngalokhu kuchitshiyelwa isigaba 89 soMthetho omkhulu –

(a) ngokuthi kufakwe esikhundleni sendima (c) yesigatshana (3) le ndima elandelayo:

"(c) ngaphandle uma iBhodi ibonisene neNhlangotho yezeMijahlo yamaHhashi kaZwelonke noma ne-Trotting South Africa, njengoba kufanele, futhi ithole **[kuyona]** ubufakazi obubhalwe phansi bokuthi **[inkundla yemijahlo yamahhashi noma izinkundla zemijahlo yamahhashi]** noma iyiphi inkundla yemijahlo yamahhashi ebhalwe kwilayisensi iyahlangabezana nemithetho nezinye izidingo zenhlangano ethintekayo;"

(b) nangokuthi kufakwe esikhundleni sesigatshana (8) lesi sigatshana esilandelayo:

"(8) Yonke imijahlo ebanjwa enkundleni yemijahlo yamahhashi noma ezinkundleni zemijahlo yamahhashi ezibalulwe kwilayisensi yomqhubi wenkundla yomjahlo yamahhashi kumele ibanjwe ngokuhambisana nomthethosisekelo, nemithetho nemithethonqubo yeNhlangotho yezeMijahlo yamaHhashi kaZwelonke, noma ne-Trotting South Africa, njengoba

kufanele."

**Ukuchithwa kwesigaba 90 soMthetho 8 ka 2010**

23. Ngalokhu kususwa isigaba 90 soMthetho omkhulu.

**Ukuchitshiyelwa kwesigaba 91 soMthetho 8 ka 2010**

24. Ngalokhu kuchitshiyelwa isigaba 91 soMthetho omkhulu ngokuthi kufakwe esikhundleni sesigatshana (1) lesi sigatshana esilandelayo:

"(1) Ngaphandle uma ivuselelwe ngokwesigatshana (2), ilayisensi ekhishwe ngokwesigaba 89(1) iphelelwa yisikhathi ngosuku lomhla zingama-31 [**kuZibandlela**] kuNdasa wonyaka wezimali weBhodi ngalowo nyaka ekhishwe ngawo: Kuncike ekutheni ngokwezinhloso zalesi sigaba, unyaka wezimali weBhodi uqala mhla lu-1 kuMbasu uphele mhla zingama-31 kuNdasa."

**Ukuchitshiyelwa kwesigaba 94 soMthetho 8 ka 2010**

25. Ngalokhu kuchitshiyelwa isigaba 94 soMthetho omkhulu –

(a) ngokuthi kufakwe esikhundleni sesigatshana (4) lesi sigatshana esilandelayo:

"(4) Ilayisensi kabhukhi ingakhishelwa umuntu oyedwa, abantu ababili noma ngaphezulu abasebenza ebhizinisini ngesivumelwano sokusebenzisana, noma inkampani eyodwa.";

(b) nangokuthi kufakwe esikhundleni sesigatshana (7) lesi sigatshana esilandelayo:

"(7) Ngaphandle uma seyivele yesuliwe ngokwesigaba 99, ilayisensi kabhukhi iphelelwa yisikhathi ngosuku lomhla zingama-31 [**kuZibandlela**] kuNdasa wonyaka wezimali weBhodi ekhishwe ngawo kodwa ingavuselelwa, ngendlela enqunywe yiBhodi, unyaka nonyaka ngokubona kweBhodi nangemuva kokukhokhwa kwezimali zokuvuselelwa kwelayisensi ezinqunywe oHlelweni 2: Kuncike ekutheni ngokwezinhloso zalesi sigaba, unyaka wezimali weBhodi uqala mhla lu-1 kuMbasu uphele mhla zingama-30 kuNdasa."

**Ukuchithwa kwesigaba 97 soMthetho 8 ka 2010**

26. Ngalokhu kususwa isigaba 97 soMthetho omkhulu.

**Ukuchithwa kwesigaba 98 soMthetho 8 ka 2010**

27. Ngalokhu kususwa isigaba 98 soMthetho omkhulu.

**Ukuchithwa kwesigaba 106 soMthetho 8 ka 2010**

28. Ngalokhu kususwa isigaba 106 soMthetho omkhulu.

**Ukuchitshiyelwa kwesigaba 111 soMthetho 8 ka 2010**

29. Ngalokhu kuchitshiyelwa isigaba 111 soMthetho omkhulu ngokuthi kufakwe esikhundleni sesigatshana (5) lesi sigatshana esilandelayo:

"(6) IBhodi, ngesaziso esibhalwe phansi somnikazi wethotho othintekayo, inganquma, ngemuva kokwenza uphenyo mayelana namajoka nemisebenzi yomsebenzi oqashwe umnikazi wethotho othintekayo, ukuthi lowo msebenzi kudingeka abhaliswe njengemenenja yomnikazi wethotho.

(7) IBhodi ingenza imithetho elawula ukubhaliswa kwabanye abasebenzi bomnikazi wethotho, abangabhalisile njengemenenja yomnikazi wethotho."

**Ukuchithwa kwesigaba 120 soMthetho 8 ka 2010**

30. Ngalokhu kususwa isigaba 120 soMthetho omkhulu.

**Ukuchithwa kwesigaba 121 soMthetho 8 ka 2010**

31. Ngalokhu kususwa isigaba 121 soMthetho omkhulu.

**Ukuchitshiyelwa kwesigaba 123 soMthetho 8 ka 2010**

32. Ngalokhu kuchitshiyelwa isigaba 123 soMthetho omkhulu –

(a) ngokuthi kufakwe esikhundleni sesigatshana (1) lesi sigatshana esilandelayo:

"(1) Umuntu onelayisensi ngokwesigaba 94 noma 110 angeke asebenzise ngenhloso yokugqoka ukubheja neminingwane ephathelene nokubheja, noma iluphi uhlelo lwekhompyutha lokugcina amarekhodi nanoma iluphi uhlelo lwekhompyutha lokugcina amarekhodi oluchitshiyelwe, ngaphandle uma lolu hlelo noma ukuchitshiyelwa kwalo [kugunyazwe yiBhodi futhi kwaqinisekiswa yi-SABS] kuhambisana namazinga ayimpogo abekiwe futhi

iBhodi igunyaze futhi yabhalisa lolo hlelo lwekhompyutha lokugcina amarekhodi, noma ukuchitshiyelwa kwalo, ngesitifiketi sokugunyazwa, noma uma kungekho mazinga ayimpoqo abekiwe, lolo hlelo lwekhompyutha lokugcina amarekhodi luhlangabezana namazinga namaqophelo ezinhlelo zekhompyutha zokugcinwa kwamarekhodi, njengoba kunqume iBhodi."

(b) ngokuthi kufakwe esikhundleni sesigatshana (2) lesi sigatshana esilandelayo:

"(2) Noma imuphi umuntu ofisa ukuqala, ukwakha noma ukuchibiyela uhlelo lwekhompyutha lokugcina amarekhodi, noma ukuhlinzeka uhlelo lwekhompyutha lokugcina amarekhodi **[noma ukuchibiyela uhlelo lwekhompyutha lokugcina amarekhodi olugunyaziwe]** lomuntu onelayisensi ngokwesigaba 94 noma 110, kumele afake isicelo kwiBhodi, ngendlela enqunywe yiBhodi, sokuthi kugunyazwe futhi kubhaliswe lolo hlelo noma ukuchitshiyelwa kwalo futhi leso sicelo kumele sihambisane nezimali ezikhokhwayo zesicelo nezophenyo ezinqunywe oHlelweni 2, okuyizimali ezikhokhwa kwiBhodi."

(c) ngokuthi kufakwe esikhundleni sesigatshana (3) lesi sigatshana esilandelayo:

"(3) IBhodi –

(a) ingagunyaza, ngemibandela noma ngaphandle kwemibandela, noma ichithe uhlelo lwekhompyutha lokugcina amarekhodi noma ukuchitshiyelwa kwalo; noma

(b) ingabuyisela emuva isicelo kumkhiqizi noma kumhlinzeki walo ukuze alethe eminye iminingwane."

(d) ngokuthi kufakwe esikhundleni sesigatshana (4) lesi sigatshana esilandelayo:

"(4) IBhodi ingacela umuntu onelayisensi ngokwesigaba 94 noma 110 **[ukuba axhume]** ukuba axhumanise ngogesi lolo hlelo lokuqapha njengoba iBhodi inganquma nohlelo lwekhompyutha lokugcina amarekhodi olugunyaziwe alusebenzisayo lowo muntu."

(e) nangokuthi kufakwe ngemuva kwesigatshana (4) lesi sigatshana esilandelayo:

"(5) IBhodi kumele igcine irejista evuselelwe, okumele itholakale kalula ngemishini kagesi kubona bonke obhukhi abanamalayisensi, mahhala, futhi okumele icacise, mayelana nohlelo lwekhompyutha lokugcina amarekhodi nohlobo ngalunye lohlelo lwekhompyutha lokugcina amarekhodi olugunyazwe yiBhodi –

(a) inombolo ehlonza uhlobo ngalunye olugunyaziwe lohlelo lwekhompyutha lokugcina amarekhodi; kanye

(b) nosuku ukugunyazwe ngalo lolo hlobo."

### Ukuchitshiyelwa kwesigaba 125 soMthetho 8 ka 2010

33. Ngalokhu kuchitshiyelwa isigaba 125 soMthetho omkhulu ngokuthi kufakwe esikhundleni sesigaba 125 lesi sigaba esilandelayo:

**"Ijoka lokuphendula ngezenzo zabasebenzi**

**125.** Umnikazi welayisensi yethotho noma ubhukhi, mayelana nemisebenzi egunyazwe ilayisensi yakhe, unelinye ijoka eliseceleni lokuphendula ngezenzo namaphutha abasebenzi balowo mnikazi welayisensi yethotho noma balowo bhukhi."

### Ukuchitshiyelwa kwesigaba 128 soMthetho 8 ka 2010

34. Ngalokhu kuchitshiyelwa isigaba 128 soMthetho omkhulu ngokuthi kufakwe esikhundleni sesigatshana (1) lesi sigatshana esilandelayo:

"(1) Ibhizinisi lobubhukhi kumele libambe emalini ewinwe umuntu obhejayo, ngale kwemali eyisiteki ewinwe umuntu obhejayo, intela nezimali ezibanjwayo ezinqunywe ngokoMthetho weNtela yeMidlalo yeMali nokuBheja waKwaZulu-Natali, 2010, futhi kumele likhokhe lezo zimali kwiBhodi ngokuhambisana nezinhlinzeko zesigaba [129] 77."

### Ukuchitshiyelwa kwesigaba 137 soMthetho 8 ka 2010

35. Ngalokhu kuchitshiyelwa isigaba 137 soMthetho omkhulu –

(a) ngokuthi kufakwe esikhundleni sesigatshana (1) lesi sigatshana esilandelayo:

**"137. [Isikhwama sokuGuqula ezeMijaho yamaHhashi nezokuBheja] Isikhwama soGuquko**

(1) Ngalokhu kusungulwa isikhwama esizokwaziwa ngokuthi [Isikhwama sokuGuqula ezeMijaho yamaHhashi nezokuBheja] Isikhwama soGuquko."

(4)(a) Hoofstuk 3 van die Wetsontwerp maak voorsiening vir die bepaling van isiZulu, Engels, isiXhosa en Afrikaans as die provinsiale amptelike tale in KwaZulu-Natal.

(b) Hoofstuk 3 maak verder voorsiening vir die gebruik van die provinsiale amptelike tale in die Provinsie. Hierdie hoofstuk maak ook voorsiening vir die benutting van vertaal-, redigeer- en interpreteerdienste.

(5) Hoofstuk 4 maak voorsiening vir die instelling van die Provinsiale Taaldiens as 'n spesialisiteit binne die Departement. Hierdie hoofstuk maak ook voorsiening vir die bevoegdhede, werksaamhede en pligte van die Provinsiale Taaldiens wat insluit, maar nie beperk is nie, tot –

(a) die monitering van die implementering van hierdie Wet, regulasies en interne beleide deur regeringsliggame in die Provinsie;

(b) bevordering en monitering van goeie taalbestuur deur regeringsliggame in die Provinsie; en

(c) bevordering en monitering van respek vir die taalregte van burgers van die Provinsie deur alle regeringsliggame in die Provinsie.

(6) Hoofstuk 5 maak voorsiening vir die instelling van die Provinsiale Interregeringsforum, genoem die KwaZulu-Natal Interregeringstaalforum (KWANILAF0).

(7) Hoofstuk 6 maak voorsiening vir die ontwikkeling van interne taalbeleide deur alle regeringsliggame in die Provinsie. Hierdie hoofstuk maak ook voorsiening vir die ontwikkeling van die KwaZulu-Natal Beleid vir die Ontwikkeling en Bevordering van Inheemse Tale.

(8) Hoofstuk 7 maak voorsiening vir die aangeleenthede wat verband hou met die hantering van taalklagtes en -dispute wat voorspruit uit enige skending van taalregte of enige bepalings van hierdie Wetsontwerp.

(9) Hoofstuk 8 maak voorsiening vir meganismes vir monitering en verslaglewing vir die gebruik van provinsiale amptelike tale in die Provinsie.

(10) Hoofstuk 9 maak voorsiening vir algemene bepalings naamlik regulasies, delegerings, herroeping van die KwaZulu-Natal Wet op Parlementêre Amptelike Tale, 1998 (Wet No. 10 van 1998), en die korttitel van die Wet.

### **ORGANISATORIESE- EN PERSONEELIMPLIKASIES VIR PROVINSIALE REGERING**

3. Geen.

### **FINANSIËLE IMPLIKASIES VIR PROVINSIALE REGERING**

4. Geen.

### **DEPARTEMENTE / LIGGAME GERAADPLEEG**

5. Verteenwoordigers van alle provinsiale departemente en munisipaliteite in die Provinsie, akademië en taaldeskundiges was genooi om insette en kommentaar betreffende die Wetsontwerp te lewer.

### **GRONDWETLIKE IMPLIKASIES**

6. Die Wetsontwerp beoog om voor te skryf aan munisipaliteite in die Provinsie ten opsigte van die wyse waarop kennis geneem moet word van hul klante se taalvoorkeure tydens die uitvoer van hul pligte; daarom is artikel 154(2) van die Grondwet van die Republiek van Suid-Afrika, 1996, van toepassing. Kragtens die vermelde bepaling moet die Lid van die Uitvoerende Raad, voor indiening van die Wetsontwerp by die Wetgewer, dit publiseer vir openbare kommentaar op 'n wyse wat geleentheid bied aan georganiseerde plaaslike regering en ander belanghebbendes om verhoë oor die Wetsontwerp te rig.



**ISEBE LEZOBUGCISA, INKCUBEKO, EZEMIDLALO NOLONWABO****ISAZISO SOMTHETHO OSAYILWAYO WEELWIMI WEPHONDO LAKWAZULU-NATALA, 2013, NGOKULANDELA ICANDELO LE- 154(2) LOMGAQO-SISEKO WERIPHABLIKHI YASEMZANTSI AFRIKA, 1996**

1. Ngokulandela icandelo le- 154(2) loMgaqo-Siseko weRiphablikihi yaseMzantsi Afrika, 1996 (uMthetho we- 108 ka- 1996), uMthetho osayilwayo weLwimi lePhondo laKwaZulu-Natala, 2013, uyethulwa ukuba uluntu luvakalise izimvo zalo.

2. Amasebe aseburhulumenteni, oomasipala kanye namanye amaqumrhu nemibutho enomdla ayacelwa ukuba avakalise izimvo zawo ngembalelwano ngalo Mthetho osayilwayo kungekapheli iintsuku ezingama-30 emva kokukhutshwa kwesi sazi, ngoku –

(a) posela iNtloko yeSebe: ezoBugcisa neNkcubeko, Private Bag X9140 Pietermaritzburg, 3200;

(b) hambisa ngesandla kumgangatho wesibini kwisakhiwo esibizwa nge, Heritage House, 222 Jabu Ndlovu Street, Pietermaritzburg, qondisa ku: Mnumzana MB Mnguni;

(c) feksela ku: (033) 264 3494; okanye

(d) thumela i-meyili ku: [mngunim@kzndac.gov.za](mailto:mngunim@kzndac.gov.za).

Sikhutshwe ndim e..... ngalo mhla we ..... ku ....., Amawaka amabini neShumi elineSithathu.

**NKKZ. NN SIBHIDLA-SAPHETHA, UMPHATHISWA (MEC)**

iLungu lesiGqeba esiLawulayo sePhondo laKwaZulu-Natala elijongene nezoBugcisa, iNkcubeko, ezeMidlalo noLonwabo

No. 5

13 kuNhlolanja 2014

## UMTHETHOSIVIVINYO WEZILIMI ZESIFUNDAZWE WAKWAZULU-NATALI, 2013

Isaziso ngokuhambisana noMthetho 194 weMithetho Emileyo YesiShayamthetho saKwaZulu-Natali

Ngalokhu kunikezwa isaziso ngokuhambisana noMthetho 194 weMithetho Emileyo YesiShayamthetho SaKwaZulu-Natali maqondana nokuthi uMthethosivivinyo weZilimi zesiFundazwe WaKwaZulu-Natali, 2013 njengoba uchazwe ngezansi, sewethuliwe esiShayamthethweni esibalulwe ngenhla futhi uzocutshungulwa yiKomidi LesiShayamthetho Lezobuciko Namasiko. Umphakathi kanye nabanye abanentshisekelo bayamenywa ukuba balethe izethulo ezimayelana nalo Mthethosivivinyo, okumele ziqondiswe ku -:

Nkk MC Madondo  
UNobhala  
IsiShayamthetho saKwaZulu-Natali  
IsiKhwama Seposi X 9112  
Pietermaritzburg  
3200

E-mail: [madondom@kznlegislature.gov.za](mailto:madondom@kznlegislature.gov.za)

ukuze zifinyelele kuye zingakapheli izinsuku eziyi-15 kusukela ngosuku okushicilelwe ngalo lesi saziso.

N NAIDOO  
UNobhala wesiShayamthetho saKwaZulu-Natali

**UMTHETHOSIVIVINYO WEZILIMI ZESIFUNDAZWE  
WAKWAZULU-NATALI, 2013**

## UMTHETHOSIVIVINYO

Wokuhlinzekela ukunqunywa kwezilimi ezisemthethweni esiFundazweni saKwaZulu-Natali; wokuhlinzekela ukulawulwa nokuqashwa kokusetshenziswa kwezilimi ezisemthethweni zesiFundazwe izona zonke izinhlaka zikahulumeni esiFundazweni saKwaZulu-Natali; wokwenyusa izinga nokuthuthukisa ukusetshenziswa kwezilimi zomdabu ezikhulunywa esiFundazweni; wokuhlinzekela ukusungulwa koPhiko lweziLimi lwesiFundazwe saKwaZulu-Natali; wokuhlinzekela ukusungulwa kwesiGungu seziLimi seziNhlaka zikaHulumeni saKwaZulu-Natali; wokuhlinzekela ukusungulwa kwezinqubomgomo zezilimi zangaphakathi zezinhlaka zikahulumeni esiFundazweni; wokuhlinzekela ukusungulwa nokulandelwa kweNqubomgomo yokuThuthukiswa nokuNothiswa kweziLimi zoMdabu yaKwaZulu-Natali; wokuhlinzekela ukuchithwa koMthetho weziLimi eziseMthethweni zePhalamende laKwaZulu-Natali, 1998 (uMthetho No. 10 ka 1998); nokuhlinzekela okunye okuphathelele nalokho.

MAWUMISWE yisiShayamthetho sesiFundazwe saKwaZulu-Natali, kanje:-

### UHLELEKA KWEZIGABA

*Isigaba*

ISAHLUKO 1

IZINCAZELO

1. Izincazelo

ISAHLUKO 2

IZINHLOSO NOKUSEBENZA KOMTHETHO

2. Izinhloso zoMthetho

3. Ukusebenza koMthetho

## ISAHLUKO 3

IZILIMI EZISEMTHETHWENI ZESIFUNDAZWE NEMISEBENZI YOKUHUMUSHA,  
YOKUHLELA NEYOKUTOLIKA

4. Ukunqunywa kwezilimi ezisemthethweni zesifundazwe
5. Ukusetshenziswa kwezilimi ezisemthethweni zesifundazwe emihlanganweni yoMkhandlu oPhethe, yeMikhandlu yoMasipala neyesiShayamthetho sesiFundazwe
6. Ukusetshenziswa kwezilimi ezisemthethweni zesifundazwe uma kushaywa imithetho
7. Ukusetshenziswa kwezilimi ezisemthethweni zesifundazwe yizinhlaka zikahulumeni esiFundazweni
8. Imisebenzi yokuhumusha, yokuhlela neyokutolika

## ISAHLUKO 4

## UPHIKO LWEZILIMI LWESIFUNDAZWE SAKWAZULU-NATALI

9. Ukusungulwa koPhiko lweziLimi lwesiFundazwe saKwaZulu-Natali
10. Amandla, amajoka nemisebenzi yoPhiko lweziLimi lwaKwaZulu-Natali
11. Abasebenzi boPhiko lweziLimi lwesiFundazwe

## ISAHLUKO 5

## ISIGUNGU SEZILIMI SEZINHLAKA ZIKAHULUMENI SAKWAZULU-NATALI

12. IsiGungu seziLimi seziNhlaka zikaHulumeni saKwaZulu-Natali (i-KWANILAFU)

## ISAHLUKO 6

UKUSUNGULWA KWEZINQUBOMGOMO ZEZILIMI ZANGAPHAKATHI NENQUBOMGOMO  
YOKUTHUTHUKISWA NOKUNOTHISWA KWEZILIMI ZOMDABU YAKWAZULU-NATALI

13. Izinqubomgomo zezilimi zangaphakathi
14. Inqubomgomo yokuThuthukiswa nokuNothiswa kweziLimi zoMdabu yaKwaZulu-Natali

## ISAHLUKO 7

UHLELO LWEZIKHALO LWANGAPHAKATHI NOKUXAZULULWA KOKUNGABONI  
NGASOLINYE MAYELANA NEZILIMI

15. Uhlelo lwezikhalo lwangaphakathi
16. Ukuxazululwa kokungaboni ngasolinye mayelana nezilimi

## ISAHLUKO 8

UKUQAPHA NOKUBIKA NGOKUSETSHENZISWA KWEZILIMI EZISEMTHETHWENI  
ZESIFUNDAZWE

17. Abasebenzi noma izimpiko zemisebenzi yezilimi
18. Ukuqapha nokubika ngokusetshenziswa kwezilimi ezisemthethweni zesifundazwe

## ISAHLUKO 9

## IZINHLINZEKO EZEJWAYELEKILE

19. Imithethonqubo
20. Ukudluliselwa kwamandla
21. Ukuchithwa komthetho
22. Isihloko esifingqiwe

## ISAHLUKO 1

## IZINCAZELO

**Izincazelo**

1. Kulo Mthetho, ngaphandle uma ingqikithi isho okwehlukile –

"uMthethosisekelo" kushiwo uMthethosisekelo weRiphabhulikhi yaseNingizimu Afrika, 1996;

"uMnyango" kushiwo uMnyango wesiFundazwe saKwaZulu-Natali obhekele izindaba zezilimi;

"izilimi eziyishumi nanye ezisemthethweni" kushiwo izilimi ezisemthethweni kwiRiphabhulikhi yaseNingizimu Afrika, ezihlongozwe esigabeni 6(1) soMthethosisekelo;

"uMkhandlu oPhethe" kushiwo uMkhandlu oPhethe wesiFundazwe saKwaZulu-Natali;

"unyaka wezimali" kushiwo isikhathi esiqala mhla lu-1 kuMbasa kuya kumhla zingama-31 kuNdasa wonyaka olandelayo;

**"iGazethi"** kushiwo iGazethi esemthethweni yesiFundazwe saKwaZulu-Natali;

**"uhlaka lukahulumeni"** kushiwo –

(a) noma imuphi umnyango wesifundazwe noma umasipala esiFundazweni saKwaZulu-Natali;

(b) noma iluphi uhlaka olusemthethweni, ikhomishana, ibhodi noma umkhandlu ezingeni lesifundazwe noma lohulumeni basekhaya esiFundazweni saKwaZulu-Natali; kanye

(c) nesiShayamthetho sesiFundazwe;

**"iNhloko yoMnyango"** kushiwo umuntu oqokwe njengesikhulu esinesibopho sokubika soMnyango;

**"inhloko yohlaka lukahulumeni"** kushiwo isikhulu esinesibopho sokubika sanoma iluphi uhlaka lukahulumeni wesiFundazwe noma umuntu obambe kuleso sikhundla;

**"izilimi zomdabu ezikhulunywayo esiFundazweni"** kushiwo lezo zilimi, –

(a) ngokwamarekhodi omlando okungezomdabu eNingizimu Afrika futhi ezikhulunywa esiFundazweni; futhi

(b) phambilini ebezingahlonishwa ngokwanele futhi zingasetshenziswa ngendlela elinganayo nesiNgisi nesiBhunu;

**"izinqubomgomo zangaphakathi zezilimi"** kushiwo izinqubomgomo zangaphakathi zezilimi ezisungulwe izinhloko zikahulumeni ezahlukahlukene esiFundazweni, njengoba kuhlangozwe esigabeni 13;

**"i-KWANILAFO"** kushiwo isiGungu seziLimi seziNhlaka zikaHulumeni saKwaZulu-Natali, esihlongozwe esigabeni 12;

**"ofaka isikhalo esiphathelene nezilimi"** kushiwo noma imuphi umuntu ofaka isikhalo esiphathelene nezilimi ohlongozwe esigabeni 15(1);

**"isikhalo esiphathelene nezilimi"** kushiwo isikhalo esiphathelene nezilimi esihlongozwe esigabeni 15(1);

**“ukungaboni ngasolinye mayelana nezilimi”** kushiwo ukungaboni ngasolinye okuphathelene nezilimi njengoba kuhlongozwe esigabeni 15(2)(f);

**“iKomidi lokuXazulula ukuNgaboni Ngasolinye okuphathelene neziLimi”** kushiwo iKomidi lokuXazulula ukuNgaboni Ngasolinye okuphathelene neziLimi, eliqokwe iLungu loMkhandlu oPhethe, izikhathi ngezikhathi, ngokwesigaba 16(2);

**“uMkhandlu kaMasipala”** kushiwo uMkhandlu wanoma imuphi uMasipala njengoba kuhlongozwe esigabeni 157 soMthethosisekelo;

**“i-PanSALB”** kushiwo iBhodi yeziLimi kaZwelonke, eyasungulwa ngokwesigaba 2 soMthetho weBhodi yeziLimi kaZwelonke;

**“uMthetho weBhodi yeziLimi kaZwelonke”** kushiwo uMthetho weBhodi yeziLimi kaZwelonke, 1995 (uMthetho No. 59 ka 1995);

**“okunqunyiwe”** kushiwo okunqunywe umthethonqubo ngaphansi kwesigaba 19, kanti igama **“ukunquma”** linencazelo efanayo;

**“isiFundazwe”** kushiwo isiFundazwe saKwaZulu-Natali esihlongozwe esigabeni 103 soMthethosisekelo, kanti igama **“okwesiFundazwe”** linencazelo efanayo;

**“uHulumeni wesiFundazwe”** kushiwo uhulumeni wesiFundazwe saKwaZulu-Natali;

**“iKomidi leziLimi lesiFundazwe”** kushiwo iKomidi leziLimi lesiFundazwe elisungulwe yi-PanSALB ngokwesigaba 8(8)(a) soMthetho weBhodi yeziLimi kaZwelonke, 1995 (uMthetho No. 59 ka 1995);

**“uPhiko lweziLimi lwesiFundazwe”** kushiwo uPhiko lweziLimi lwesiFundazwe saKwaZulu-Natali olusungulwe ngokwesigaba 9;

**“isiShayamthetho sesiFundazwe”** kushiwo isiShayamthetho sesiFundazwe njengoba kuhlongozwe esigabeni 105 soMthethosisekelo, futhi esinamandla okushaya imithetho



yesiFundazwe njengoba kuhlangozwe esigabeni 104(1) soMthethosisekelo;

**"izilimi ezisemthethweni zesifundazwe"** kushiwo izilimi ezisemthethweni zesifundazwe ezihlongozwe esigabeni 4(1);

**"imithethonqubo"** kushiwo imithethonqubo esungulwe ngokwesigaba 19;

**"iLungu loMkhandlu oPhethe"** kushiwo iLungu loMkhandlu oPhethe esiFundazweni elibhekele izindaba eziphatelene nezilimi esiFundazweni; kanti

**"lo Mthetho"** ubandakanya nemithethonqubo.

## ISAHLUKO 2

### IZINHLOSO NOKUSEBENZA KOMTHETHO

#### Izinhloso zoMthetho

##### 2. Izinhloso zoMthetho –

- (a) ukunquma izilimi ezisemthethweni zesiFundazwe;
- (b) ukulawula nokuqapha ukusetshenziswa kwezilimi ezisemthethweni zesifundazwe izona zonke izinhloso zikahulumeni esiFundazweni;
- (c) ukugqogqezela ukuba kuhlonishwe futhi kuphathwe ngokulingana zonke izilimi ezisemthethweni zesiFundazwe;
- (d) ukweseka umphakathi ukuthi usebenzise izilimi ngokuzikhethela uma ufuna ukuthola izidingo nolwazi kuhulumeni;
- (e) ukuhlinzeka amasu okuhloswe ngawo ukuqinisekisa ukuthi izilimi zomdabu ebezingashaywa ndiva esiFundazweni ziyabhekelelwa; kanye
- (f) nokugqogqezela ubuliminingi nokusetshenziswa kwezilimi ezahlukahlukene esiFundazweni.

#### Ukusebenza koMthetho

##### 3. Lo Mthetho usebenza –

- (a) eMkhandlwini oPhethe;

- (b) kuyo yonke imiKhandlu yoMasipala esiFundazweni njengoba kuhlongozwe esigabeni 157 soMthethosisekelo;
- (c) nakuzo zonke izinhlaka zikahulumeni esiFundazweni.

### ISAHLUKO 3

#### IZILIMI EZISEMTHETHWENI ZESIFUNDAZWE NEMISEBENZI YOKUHUMUSHA, YOKUHLELA NEYOKUTOLIKA

#### **Ukuqokwa kwezilimi ezisemthethweni zesifundazwe**

4.(1) Izilimi ezisemthethweni zesifundazwe isiZulu, isiNgisi, isiXhosa nesiBhunu.

(2) Ngale kokushiwo yisigatshana (1) –

(a) zonke izilimi eziyishumi nanye zeRiphabhulikhi yaseNingizimu Afrika, njengoba kuhlongozwe esigabeni 6(1) soMthethosisekelo, kumele –

(i) zihlonishwe ngendlela elinganayo; futhi

(ii) ziphathwe ngendlela efanayo,

esiFundazweni; futhi

(b) uHulumeni wesiFundazwe kumele, ngokubambisana ne-PanSALB –

(i) agqugquzele futhi aqinisekise ukusetshenziswa –

(aa) kwazo zonke izilimi ezisemthethweni eziyishumi nanye;

(bb) kolimi lwama-Khoi, lwama-Nama nolwama-San; kanye

(cc) noLimi lweziMpawu lwaseNingizimu Afrika,

esiFundazweni; futhi

(ii) agqugquzele ukuhlonishwa –

(aa) kwazo zonke izilimi ezivame ukusetshenziswa yimiphakathi yaseNingizimu Afrika; kanye

(bb) nezinye izilimi ezisetshenziselwa ezenkolo.

#### **Ukusetshenziswa kwezilimi ezisemthethweni zesifundazwe emihlanganweni yoMkhandlu oPhethe, yeMikhandlu yoMasipala neyesiShayamthetho sesiFundazwe**

5.(1) Kungasetshenziswa noma iluphi ulimi olusemthethweni lwesiFundazwe uma kunezingxoxo, izinkulumompikiswano noma kwethulwa inkulumo emhlanganweni –

- (a) woMkhandlu oPhethe;
- (b) wanoma iliphi ikomidi loMkhandlu oPhethe;
- (c) wanoma imuphi uMkhandlu kaMasipala;
- (d) wanoma iliphi ikomidi loMkhandlu kaMasipala;
- (e) wesiShayamthetho sesiFundazwe; kanye
- (f) nowanoma iliphi ikomidi lesiShayamthetho sesiFundazwe.

(2) Ukuze kufezeke okushiwo kwisigatshana (1), kumele kube nezinhlelo ezithile zokuhlinzeka ngosizo lokutolika uma kunomhlangano wesiShayamthetho sesiFundazwe, woMkhandlu oPhethe nowoMkhandlu kaMasipala, kanjalo nowanoma iliphi ikomidi lesiShayamthetho sesiFundazwe, loMkhandlu oPhethe neloMkhandlu kaMasipala.

(3) Noma iliphi irekhodi –

- (a) loMkhandlu oPhethe;
- (b) loMkhandlu kaMasipala;
- (c) lanoma iliphi ikomidi –
  - (i) loMkhandlu oPhethe;
  - (ii) neloMkhandlu kaMasipala,

lingagaywa bese lishicilelwa nganoma iluphi ulimi olusemthethweni lwesifundazwe: Kuncike ekutheni noma imuphi umuntu angacela ukuhunyushelwa irekhodi noma ushicilelo nganoma iluphi olunye ulimi olusemthethweni lwesifundazwe.

### **Ukusetshenziswa kwezilimi ezisemthethweni zesifundazwe uma kushaywa imithetho**

6.(1) Noma imuphi –

- (a) umthetho wesifundazwe (uMthetho) noma umthetho osewuhlaka wesifundazwe (uMthethosivivinyo); kanye
- (b) nomthethonqubo, nesimemezelo noma isinqumo esithathwe ngokulandela noma imuphi umthetho wesifundazwe,

oshicilelwe kwiGazethi noma ephephandabeni elifundwa kakhulu esiFundazweni, kumele kushicilelwe ngazo zonke izilimi ezisemthethweni zesifundazwe.

(2) Noma isiphi isaziso esikhishwe ngokulandela noma imuphi umthetho wesiFundazwe futhi sashicilelwa kwiGazethi noma ephephandabeni elifundwa kakhulu esiFundazweni, kumele

sishicilelwe okungenani ngezilimi ezimbili ezisemthethweni zesifundazwe: Kuncike ekutheni –

- (a) kuyaqikelelwa ukuthi ulimi oluzosetshenziswa yilolo olusetshenziswa amalungu omphakathi okuyiwona okubhekiswe kuwo lesa sazi; futhi
- (b) kuyaqinisekiswa ukuthi olunye phakathi kwezilimi ezikhethwayo uma kushicilelwa isazi, lungolunye lwezilimi zomdabu ezikhulunywayo esiFundazweni.

(3) Noma imuphi umthetho kamasipala, isinqumo noma isazi esishicilelwa umasipala kwiGazethi nakunoma iliphi iphephandaba esiFundazweni, kumele kushicilelwe okungenani ngezilimi ezimbili ezisemthethweni zesifundazwe: Kuncike ekutheni –

- (a) kumele kubhekelelwe ukuthi ulimi olusetshenziswa kuleyo ndawo alusali; futhi
- (b) kumele olunye lwezilimi ezisetshenziswayo uma kushicilelwa isazi, kuncike esifundeni ngasinye, lube ngolunye lwezilimi zomdabu ezikhulunywayo esiFundazweni.

#### **Ukusetshenziswa kwezilimi ezisemthethweni zesifundazwe izinhlaka zikahulumeni wesiFundazwe**

7.(1) Zonke izinhlaka zikahulumeni esiFundazweni, ngokusebenzisa izinqubomgomo zangaphakathi zezilimi ezihlongozwe esigabeni 13, futhi kuncike ekutheni –

- (a) kusetshenziswa ulimi olukhulunywa futhi olukhethwa yiningi lamakhasimende namakilayenti alolo hlaka lukahulumeni; futhi
- (b) kubhekelelwa izimo zaleso naleso sifunda,

kumele ziqoke okungenani izilimi ezimbili ezisemthethweni zesifundazwe ngenhloso –

- (i) yezokuxhumana kwangaphakathi, kwangaphandle, yokubhala kanjalo neyokukhuluma; kanye
- (ii) neyokushicilela:

Kuncike ekutheni noma iluphi uhlaka lukahulumeni esiFundazweni, ngaphezu kwalokho, lungaqoka olunye noma ezinye izilimi kulezo eziyishumi nanye ezisemthethweni.

(2) Kumele kwenziwe izinhlelo ezithile mayelana nokutolika nokuhumusha ukubhekelela amalungu omphakathi afisa ukuxhumana nanoma iluphi uhlaka lukahulumeni esiFundazweni akhuluma noma iluphi olunye ulimi olusemthethweni lwesifundazwe olungaqokwanga ngokwesigatshana (1).

(3) Olunye lwezilimi oluqokwe ngokwesigatshana (1), kuncike ekutheni amakhasimende alolo

hlaka lukahulumeni asebenzisa futhi akhetha luphi ulimi, kumele kube olunye lwezilimi zomdabu ezikhulunywayo esiFundazweni.

(4)(a) Noma iliphi irekhodi noma ushicilelo lwanoma iluphi uhlaka lukahulumeni esiFundazweni lingagaywa noma lishicilelwe nganoma iluphi ulimi oluqokwe ngokwesigatshana (1): Kuncike ekutheni omunye umuntu angacela ukhunuyushelwa lelo rekhodi noma lolo shicilelo ngolunye ulimi olusemthethweni lwesifundazwe.

(b) ILungu loMkhandlu oPhethe linganquma isikhathi okumele kuhlinzekwe ngaso irekhodi noma ushicilelo oluhunyushwe ngolunye ulimi olusemthethweni lwesifundazwe ngemuva kokuthola isicelo esihlongozwe endimeni (a).

(5) Uma izinhlaka zikahulumeni esiFundazweni –

(a) ziveza;

(b) zikhangisa; noma

(c) ziqhakambisa,

imisebenzi eziyenzayo, kumele zisebenzise izilimi ezisemthethweni zesifundazwe eziqokwe ngokwesigatshana (1) ezimpawini zazo, ezihlokweni zemibhalo, emabhodini ezikhangiso nasezintweni zokukhangisa.

(6) Uma uhlaka lukahulumeni esiFundazweni lubhalela ikhasimende noma ilungu lomphakathi incwadi, leyo ncwadi kumele ibhalwe ngolimi olusemthethweni lwesifundazwe oluqokwe ilelo khasimende noma ilelo lungu lomphakathi.

### **Imisebenzi yokuhumusha, yokuhlela neyokutolika**

8.(1) UPhiko lweziLimi lwesiFundazwe, oluhlongozwe esigabeni 9, kumele –

(a) mayelana nezilimi ezisemthethweni zesifundazwe;

(b) nangesikhathi esithile kutholakale isicelo noma ngesikhathi esithile esinganqunywa iLungu loMkhandlu oPhethe,

luhlinzeke ngemisebenzi yokuhumusha, yokuhlela neyokutolika njengoba kunganxusa isiShayamthetho sesiFundazwe, uMkhandlu oPhethe, noma imuphi uMkhandlu kaMasipala kanye nanoma iluphi uhlaka lukahulumeni lwesiFundazwe.

(2) UPhiko lweziLimi lwesiFundazwe, uma luthola isicelo, futhi –

- (a) kuncike ekutheni singafezeka nasezindlekweni olungangena kuzona;
- (b) nangezikhathi ezibekiwe njengoba kunganquma iLungu loMkhandlu oPhethe, lungahlela ukuba kuhunyushwe, kuhlelwe futhi kutolikwe njengoba kungacela isiShayamthetho sesiFundazwe, uMkhandlu oPhethe, noma imuphi uMkhandlu kaMasipala kanye nanoma iluphi uhlaka lukahulumeni esiFundazweni, mayelana –
  - (i) nanoma iluphi ulimi kweziyishumi nanye ezisemthethweni;
  - (ii) nanoma iluphi ulimi lwama-Khoi, lwama-Nama nolwama-San;
  - (iii) noLimi lweziMpawu lwaseNingizimu Afrika; kanye
  - (iv) noLimi lwaBangaboni emehlweni.

(3) Noma iluphi uhlaka lukahulumeni esiFundazweni oludinga usizo lwezokuhumusha, lwezokuhlela noma lwezokutolika, oluhlongozwe ezigatshaneni (1) no (2), kumele lufake isicelo esibhalwe phansi oPhikweni lweziLimi lwesiFundazwe.

#### ISAHLUKO 4

#### UPHIKO LWEZILIMI LWESIFUNDAZWE SAKWAZULU-NATALI

##### **Ukusungulwa koPhiko lweziLimi lwesiFundazwe saKwaZulu-Natali**

9.(1) Ngalokhu kusungulwa uPhiko lweziLimi lwesiFundazwe saKwaZulu-Natali, ngemuva kwalokhu oluzobizwa ngoPhiko lweziLimi lwesiFundazwe.

(2) UPhiko lweziLimi lwesiFundazwe –

- (a) luwuPhiko olungaphakathi eMnyangweni; futhi
- (b) aluyena umuntu ngokomthetho.

##### **Amandla, amajoka nemisebenzi yoPhiko lweziLimi lwesiFundazwe**

10.(1) UPhiko lweziLimi lwesiFundazwe kumele –

- (a) luqaphe ukusetshenziswa kwezinhlinzeko –
  - (i) zalo Mthetho;
  - (ii) zanoma imuphi umthethonqubo osungulwe ngokwesigaba 19; kanye
  - (iii) nezinqubomgomo zezilimi zangaphakathi ezihlongozwe esigabeni 13, izona zonke izinhlaka zikahulumeni esiFundazweni;

- (b) lugqugquzele futhi luqaphe ukusetshenziswa ngendlela elinganayo kwazo zonke izilimi ezisemthethweni zesifundazwe ukuze kuqinisekise ukuthi zonke izakhamizi zesiFundazwe zithola izidingo kanjalo nolwazi kuhulumeni ngendlela elinganayo;
- (c) lweseke zonke izinhlaka zikahulumeni esiFundazweni maqondana nezindaba eziphathelene nezilimi;
- (d) luthathe izinyathelo ezidingekayo nezifanele –
- (i) ukugqugquzela ubuliminingi esiFundazweni;
  - (ii) ukugqugquzela ukusetshenziswa nokuthuthukiswa lwezilimi zomdabu ezikhulunywayo esiFundazweni; kanye
  - (iii) nokuqinisekisa ukulingana kwezilimi esiFundazweni;
- (e) lugqugquzele futhi luqaphe ukuphathwa kahle kwezilimi kuzona zonke izinhlaka zikahulumeni esiFundazweni ukuze imisebenzi kahulumeni iqhutshwe ngendlela efanele;
- (f) lugqugquzele futhi luqaphe ukuhlonishwa kwamalungelo ezilimi ezakhamizi zesiFundazwe izona zonke izinhlaka zikahulumeni esiFundazweni;
- (g) luqaphe ukuthi zonke izinhlaka zikahulumeni esiFundazweni zisungula, zibuyekeza futhi ziqalisa izinqubomgomo zangaphakathi zezilimi, njengoba kuhlongozwe esigabeni 13;
- (h) luhlinzeke izinhlaka zikahulumeni esiFundazweni ngosizo lokuhumusha, lokuhlela nolokutolika;
- (i) luqaphe futhi luthuthukise izinga lokuhumusha, lokuhlela nolokutolika esiFundazweni;
- (j) lulawule uhelo lokuqanjwa kwamagama nokubhalwa kwezincwadi esiFundazweni;
- (k) lweseke ukufundwa nokufundiswa kwazo zonke izilimi ezisemthethweni zesifundazwe; futhi
- (l) lweseke i-KWANILAFU ngezokuphatha nemisebenzi yobubhalane njengoba kuhlongozwe esigabeni 12.

(2) UPhiko lweziLimi lwesiFundazwe –

- (a) lungahlela izinhlelo zokuqeqeshwa mayelana namasu okuhumusha, okuhlela nawokutolika;
- (b) lungabambisana nanoma iluphi uhlaka lukahulumeni noma inhlangotho engekho ngaphansi kukahulumeni ukuze lufezekise izinhloso zalo, lusebenzise amandla alo, lufeze amajoka alo futhi lwenze imisebenzi yalo; futhi
- (c) lungenza noma yini –

- (i) edingekayo ukuze lusebenzise amandla alo, lufeze amajoka alo futhi lwenze imisebenzi yalo ngokwalo Mthetho; futhi
- (ii) ehambisanayo noma ehlobene nokusetshenziswa kwamandla alo, nokufeza amajoka alo nokwenza imisebenzi yalo.

#### **Abasebenzi boPhiko lweziLimi lwesiFundazwe**

11.(1) UPhiko lweziLimi lwesiFundazwe lunabasebenzi abaqokwe iNhloko yoMnyango ngokoMthetho wemiSebenzi kaHulumeni, 1994 (Isimemezelo No. 103 ka 1994).

(2) Abasebenzi boPhiko lweziLimi lwesiFundazwe, kumele, bebonke babe nekhono –

- (a) lokuhumusha, lokuhlela nelokutolika;
- (b) lokulawula ukudluliselwa kwabanye ongoti kwemisebenzi yokuhumusha, yokuhlela neyokutolika; kanye
- (c) nelokuqapha izinga lomsebenzi kuleyo misebenzi yokuhumusha, yokuhlela neyokutolika edluliselwe kwabanye ongoti,

kuzona zonke izilimi ezisemthethweni zesifundazwe.

(3) Abasebenzi boPhiko lweziLimi lwesiFundazwe, ngokwezinhloso zesigaba 10(1), bebonke kumele babe namakhono, isipiliyoni nolwazi olufanele futhi oludingekayo ukusungula inqubomgomo.

### ISAPHELA 5

#### ISIGUNGU SEZILIMI SEZINHLAKA ZIKAHULUMENI SAKWAZULU-NATALI

#### **IsiGungu seziLimi seziNhlaka zikaHulumeni saKwaZulu-Natali**

12.(1) Ngalokhu kusungulwa isiGungu seziLimi seziNhlaka zikaHulumeni saKwaZulu-Natali (i-KWANILAFU).

(2) Izinhloso, amandla, amajoka nemisebenzi ye-KWANILAFU –

- (a) ukugqunguzela ukusebenzisana, ukubambisana nokubonisana kuzona zonke izinhloso zikahulumeni esiFundazweni mayelana nezindaba ezithinta izilimi;



- (b) ukudidiyela, ukuhlela kanye nokuqapha ukuqaliswa kwezinqubomgomo zangaphakathi zezilimi esiFundazweni;
- (c) ukuphenya nganoma iluphi udaba oluphathelele nokuqaliswa kwalo Mthetho nokweluleka iLungu loMkhandlu oPhethe;
- (d) ukugqugquzela ukubonisana nezingxoxo phakathi kukaHulumeni wesiFundazwe nanoma iyiphi enye inhlango noma umuntu onentshisekelo ezindabeni ezithinta izilimi esiFundazweni;
- (e) ukumela uHulumeni wesiFundazwe, nokubamba iqhaza kanjalo nokuba negalelo kunoma isiphi isiGungu seziLimi seziNhlaka zikaHulumeni sikaZwelonke; kanye
- (f) nokwenza eminye imisebenzi iLungu loMkhandlu oPhethe elinganquma ukuba yenziwe i-KWANILAFU.

(3) I-KWANILAFU yakhiwe –

- (a) amalungu abasebenzi boPhiko lweziLimi lwesiFundazwe abaqokwe iLungu loMkhandlu oPhethe;
- (b) abasebenzi bezilimi bazo zonke izinhlaka zikahulumeni esiFundazweni, abaqokelwe lokho ngokwesigaba 17;
- (c) abasebenzi abamele izinhlaka ezisebenza ngezilimi, ezihlongozwe esigabeni 17; kanye
- (d) nanoma imuphi omunye umuntu ongaqokwa noma ongaqashwa iLungu loMkhandlu oPhethe, ngokubona kwalo iLungu loMkhandlu oPhethe, ongasiza i-KWANILAFU ekufezekiseni izinhloso zayo, ekusebenziseni amandla ayo nasekwenzeni imisebenzi namajoka ayo.

(4) ILungu loMkhandlu oPhethe kumele –

- (a) liqoke uSihlalo neSekela likaSihlalo be-KWANILAFU;
- (b) linqume isikhathi sokuba sesikhundleni sikaSihlalo neSekela lakhe; futhi
- (c) linqume eminye imigomo nemibandela yokuqashwa kukaSihlalo neSekela lakhe.

(5)(a) ILungu loMkhandlu oPhethe kumele libize umhlangano wokuqala we-KWANILAFU.

(b) Ngemuva kwalokho kumele i-KWANILAFU ihlangane njalo uma kunesidingo, kodwa okungenani kane ngonyaka, ngalezo zikhathi nakuleyo ndawo enganqunywa uSihlalo.

(c) Izinhlaka zikahulumeni esiFundazweni, kumele, mayelana nabasebenzi abamele lezo zinhlaka zikahulumeni kwi-KWANILAFU –

- (i) nangalezo zinsiza ezinazo lezo zinhlaka zikahulumeni; futhi
- (ii) kuncike kunoma imiphi imithetho nezinqubomgomo ezikhona ezilawula ukukhokhelwa ngokuhamba ngokomsebenzi zalolo nalolo hlaka, ihlinzekele noma iziphi izindleko zokuhamba ngokomsebenzi ezingabangelwa ukwethanyelwa kwemihlangano ye-KWANILAFU.

(6) Imisebenzi yezokuphatha neyobubhalane ehambisana nokwenziwa kwemisebenzi ye-KWANILAFU kumele yenziwe izikhulu noma abasebenzi boMnyango abaqokelwe lokho iNhlolo yoMnyango ngokuhambisana noMthetho wemiSebenzi kaHulumeni, 1994 (Isimemezelo No. 103 sika 1994).

## ISAHLUKO 6

### UKUSUNGULWA KWEZINQUBOMGOMO ZEZILIMI ZANGAPHAKATHI NENQUBOMGOMO YOKUTHUTHUKISWA NOKUNOTHISWA KWEZILIMI ZOMDABU YAKWAZULU-NATALI

#### **Izinqubomgomo zezilimi zangaphakathi**

**13.(1)** Zonke izinhlaka zikahulumeni esiFundazweni kumele –

- (a) zingakedluli izinyanga eziyi-18 kuqaliswe lo Mthetho;
- (b) nangemuva kokubonisana noPhiko lweziLimi lwesiFundazwe, zisungule futhi zigunyaze izinqubomgomo zazo zezilimi zangaphakathi.

(2) Izinqubomgomo zezilimi zangaphakathi ezihlongozwe kwisigatshana (1) kumele zihambisane nezinhlinzeko zalo Mthetho nezanoma imiphi imithethonqubo esungulwe ngokwalo Mthetho ngokwesigaba 19.

(3) Inqubomgomo yezilimi yangaphakathi yanoma iluphi uhlaka lukahulumeni esiFundazweni, kumele –

- (a) njengoba kuhlongozwe esigabeni 7 –
  - (i) inqume okungenani izilimi ezimbili ezisemthethweni zesifundazwe ezizosetshenziselwa ukuxhumana kwangaphakathi nokwangaphandle, ukuxhumana ngokubhala nangokukhuluma kanjalo nangezinhloso zokushicilela, zalolo hlaka lukahulumeni;

- (ii) inqume ukuthi lolo hlaka lukahulumeni luzoxhumana kanjani namalungu omphakathi afisa ukuxhumana nalo, kusetshenziswa noma iluphi olunye ulimi olungaqokiwe ngokwesigaba 7;
  - (b) ihlinzekele uhlelo lwangaphakathi lokufaka izikhalo, oluhlongozwe esigabeni 15; futhi
  - (c) ishicilelwe kwiGazethi ngokushesha, kodwa zingakedluli izinsuku ezingama-90 yamukelwe ngokusemthethweni.
- (4) Uhlaka ngalunye lukahulumeni esiFundazweni kumele –
- (a) lwazise amakhasimende alo ukuthi ikhona inqubomgomo yezilimi yangaphakathi futhi itholakala mahhala uma kukhona oyidingayo;
  - (b) luqinisekise ukuthi ikhophi yenqubomgomo yezilimi yangaphakathi iyatholakala uma icelwa amakhasimende kanjalo namalungu omphakathi; futhi
  - (c) lukhangise kuwona wonke amahhovisi alo, inqubomgomo yalo efinqiwe ngendlela nasendaweni lapho izobonakala khona futhi ifundwe kalula amakhasimende alo kanjalo namalungu omphakathi.

#### **INqubomgomo yokuThuthukiswa nokuNothiswa kweziLimi zoMdabu yaKwaZulu-Natali**

14. ILungu loMkhandlu oPhethe kumele, ngemuva kokubonisana neKomidi leziLimi lesiFundazwe ne-KWANILAFO, lisungule futhi liqalise iNqubomgomo yokuThuthukiswa nokuNothiswa kweziLimi zoMdabu yaKwaZulu-Natali.

#### **ISAHLUKO 7**

#### **UHLELO LWEZIKHALO LWANGAPHAKATHI NOKUXAZULULWA KOKUNGABONI NGASOLINYE MAYELANA NEZILIMI**

#### **Uhlelo lwezikhalo lwangaphakathi**

15.(1) Zonke izinhlaka zikahulumeni esiFundazweni kumele, ngokusebenzisa izinqubomgomo zazo zangaphakathi zezilimi ezihlongozwe esigabeni 13, zihlinzekele uhlelo olunzulu lwezikhalo lwangaphakathi –

- (a) olungasetshenziswa inoma iliphi ilungu lomphakathi elifisa ukufaka isikhalo mayelana nanoma iziphi izinsolo noma imizamo yokeckela phansi –
  - (i) noma iliphi ilungelo lolimi njengoba kuhlongozwe kuMthethosisekelo, kulo

Mthetho noma kwinqubomgomo yezilimi yangaphakathi yalezo zinhlaka zikahulumeni;

(ii) nanoma iziphi izinhlinzeko zalo Mthetho noma zanoma iyiphi inqubomgomo yezilimi yangaphakathi yalolo hlaka lukahulumeni,

uhlaka lukahulumeni; futhi

(b) okumele lulandelwe –

(i) ofaka isikhalo ukuze afake isikhalo esiphathelene nezilimi; kanye

(ii) nohlaka lukahulumeni oluyophenya futhi luxazulule izikhalo eziphathelene nezilimi.

(2) Uhlelo lokufaka izikhalo kumele –

(a) luhlonze isiphathimandla ngaphakathi ohlakeni lukahulumeni okufakwa kulona isikhalo esiphathelene nezilimi;

(b) lunqume isikhathi okungafakwa ngaso izikhalo esiphathelene nezilimi: Kuncike ekutheni zonke izikhalo eziphathelene nezilimi kumele zifakwe zingakedluli izinsuku ezingama-90 kusukela osukwini lapho ofaka isikhalo mayelana nezilimi ebone ngalo kungahlonishwa noma kunemizamo yokungahloniphi noma –

(i) iliphi ilungelo lolimi;

(ii) iziphi izinhlinzeko zalo Mthetho; noma

(iii) inhlinzeko yenqubomgomo yangaphakathi yezilimi yalolo hlaka lukahulumeni;

(c) luveze ukuthi izikhalo mayelana nezilimi kumele –

(i) zibhalwe phansi: Kuncike ekutheni noma imuphi umuntu ofaka isikhalo mayelana nezilimi ongakwazi ukubhala nokufunda kumele asizwe abasebenzi balolo hlaka lukahulumeni ekutheni abhale phansi lesi sikhalo esiphathelene nezilimi;

(ii) zicacise izinhlinzeko zalo Mthetho noma uhlobo kwelungelo okusolakala ukuthi alingahlonishwanga noma okunemizamo yokuthi lingahlonishwa; futhi

(iii) zicacise izizathu lowo ofaka isikhalo esiphathelene nezilimi eziyimbangela yesikhalo sakhe;

(d) luphoqe ofaka isikhalo esiphathelene nezilimi ukuba aveze ukuthinteka kwakhe kulolo daba: Kuncike ekutheni uma umuntu ofaka isikhalo esiphathelene nezilimi emele omunye umuntu noma iqembu labantu, kumele alethe incwadi emgunyaza ukuba enze njalo;

(e) lubalule isikhathi okumele lolo hlaka lukahulumeni oluthintekayo luphothule ngaso

ukudingidwa kwesikhalo esiphathelene nezilimi: Kuncike ekutheni zonke izikhalo eziphathelene nezilimi kumele ziphothulwe ezinsukwini ezingama-30 kusukela osukwini okutholakale ngalo isikhalo;

(f) lubalule ukuthi noma imuphi umuntu ofaka isikhalo esibangelwe –

(i) ukwehluleka kwalolo hlaka lukahulumeni ukuphothula isikhalo sakhe esiphathelene nezilimi ezinsukwini ezingama-30 uthole isikhalo, njengoba kuhrongozwe endimeni (e); noma

(ii) indlela lolo hlaka lukahulumeni olwenze ngayo uphenyo, oluphathe ngayo noma oluphothule ngayo isikhalo sakhe esiphathelene nezilimi,

angadlulisela leso sikhalo sakhe, njengoba kuhrongozwe esigabeni 16(1), kwiLungu loMkhandlu oPhethe ukuze siphinde siphenywe futhi kutholakale isixazululo ngokwesigaba 16(5);

(g) lubalule ukuthi iLungu loMkhandlu oPhethe, -

(i) mayelana nanoma isiphi isikhalo esingaxazululiwe; futhi

(ii) ngokuzithathela kwalo izinyathelo,

linganquma ukuthi ukungaboni ngasolinye mayelana nezilimi, njengoba kuhrongozwe esigabeni 16(1) –

(aa) kukhona; futhi

(bb) kumele kwenziwe olunye uphenyo, njengoba kuhrongozwe esigabeni 16(5); futhi

(h) lubalule noma imiphi eminye imininingwane njengoba kunganquma iLungu loMkhandlu oPhethe.

### **Ukuxazululwa kokungaboni ngasolinye mayelana nezilimi**

**16.(1)** Ukungaboni ngasolinye mayelana nezilimi kudalwa –

(a) ukuthi isikhalo mayelana nezilimi singaxazululeki njengoba kuhrongozwe esigabeni 15(2)(f); noma

(b) ukuthi iLungu loMkhandlu oPhethe, ngokwesigaba 15(2)(g), linqume ukuthi sekube nokungaboni ngasolinye mayelana nezilimi.

(2) Uma kuba nokungaboni ngasolinye, ofaka isikhalo angabhekisa isikhalo sakhe –

(a) kwi-PanSALB ngokwesigaba 11 soMthetho weBhodi yeziLimi kaZwelonke; noma

(b) kwiLungu loMkhandlu oPhethe ngokwesigatshana (3).

(3) Uma ofaka isikhalo ekhetha ukulandela inqubo ebekwe kwisigatshana (2)(b), kumele, ezinsukwini ezingama-21, azise iLungu loMkhandlu oPhethe ngokungaboni ngasolinye mayelana nezilimi ukuze kuphinde kuphenywe futhi kutholakale isixazululo njengoba kuhrongozwe kwisigatshana (5).

(4) Uma iLungu loMkhandlu oPhethe selithathe isinqumo, njengoba kuhrongozwe kwisigaba 15(2)(g), sokuthi kunokungaboni ngasolinye, kumele ezinsukwini ezingama-21, lazise –

(a) uhlaka lukahulumeni oluthintekayo; kanye

(b) nalowo ofaka isikhalo,

ngenhloso yalo yokudlulisa udaba lokungaboni ngasolinye mayelana nezilimi ukuze kuphinde kuphenywe futhi kutholakale isixazululo, njengoba kuhrongozwe kwisigatshana (5).

(5) ILungu oMkhandlu oPhethe kumele, zingakedluli izinsuku ezingama-30 –

(a) lazisiwe ngodaba lokungaboni ngasolinye mayelana nezilimi oludluliselwe kulo; noma

(b) lithathe isinqumo njengoba kuhrongozwe kwisigaba 15(2)(g), sokuthi kukhona ukungaboni ngasolinye mayelana nezilimi,

liqoke iKomidi lokuXazulula ukuNgaboni Ngasolinye mayelana neziLimi.

(6) IKomidi lokuXazulula ukuNgaboni Ngasolinye mayelana neziLimi, kumele zingakedluli izinsuku ezingama-90 liqokiwe –

(a) liphenye ngodaba lokungaboni ngasolinye mayelana nezilimi;

(b) liqhamuke nesixazululo salolo daba lokungaboni ngasolinye mayelana nezilimi, ngokuthi kulungiswe amaphutha, kubuyiswane noma kuxoxiswane; futhi

(c) libike liphinde lenze izincomo kwiLungu loMkhandlu oPhethe mayelana nemiphumela yokuxazululwa kwalokho kungaboni ngasolinye.

(7) IKomidi lokuXazulula ukuNgaboni Ngasolinye, eliqokwe iLungu loMkhandlu oPhethe ngokwesigatshana (2), lingabizela esigcawini noma imuphi umuntu, umgwamanda noma uhlaka lukahulumeni ukuba –

(a) luvele phambi kwalo;

(b) lwethule ubufakazi; futhi

(c) luveze noma iliphi irekhodi noma umbhalo odingekayo.

(8) Uma kwenzeka ukuthi ukuxazululwa kokungaboni ngasolinye mayelana nezilimi akuqhamuki nesixazululo esigculisayo njengoba kuhlongozwe kwisigatshana (5)(b) –

(a) iKomidi lokuXazulula ukuNgaboni Ngasolinye kumele lithumele umbiko kwiLungu loMkhandlu oPhethe oqukethe –

(i) imininingwane yezihibe ezibe khona ngenkathi kuxazululwa ukungaboni ngasolinye;

(ii) noma imuphi umbiko obhalwe phansi noma owethulwe ngomlomo owethulwe

–

(aa) ofake isikhalo esiphathelene nezilimi; noma

(bb) ilolo hlaka oluthintekayo,

mayelana nalokho kungaboni ngasolinye; futhi

(iii) lenze izincomo mayelana nezinqumo ezifanele ukuthathwa, njengoba kuhlongozwe endimeni (b);

(b) iLungu loMkhandlu oPhethe, zingakedluli izinsuku ezingama-30 lithole umbiko weKomidi lokuXazulula ukuNgaboni Ngasolinye njengoba kuhlongozwe endimeni (a), lingathatha isinqumo ngalokho kungaboni ngasolinye ngokuthi –

(i) likhiphe isaziso sokuba kulandelwe umthetho, esinxusa lolo hlaka lukahulumeni ukuba lulungise noma isiphi isenzo noma iphutha elibangele ukuthi kube nokungaboni ngasolinye: Kuncike ekutheni uhlaka lukahulumeni lunqunyelwe izinsuku ezingama-30 ukuthi lenze okushiwo isaziso sokuba kulandelwe umthetho; noma

(ii) lichithe lokho kungaboni ngasolinye mayelana nezilimi.

## ISAHLUKO 8

### UKUQAPHA NOKUBIKA MAYELANA NOKUSETSHENZISWA KWEZILIMI

#### EZISEMTHETHWENI ZESIFUNDAZWE

#### **Abasebenzi abaqashwayo noma izimpiko ezikhethekile zezilimi**

17.(1) IziNhloko zezinhlaka zikahulumeni esiFundazweni –

(a) ngemuva kokubonisana noPhiko lweziLimi lwesiFundazwe;

(b) kuncike kunoma imuphi umthetho olawula ukuqashwa kwabasebenzi balolo hlaka lukahulumeni; futhi

(c) kuncike kwizidingo zolimi olunazo lolo hlaka lukahulumeni esiFundazweni,

kumele ziqashe umsebenzi noma abasebenzi bezilimi noma zisungule uphiko lwezilimi ngaphansi kwezinhlaka zazo.

(2) Umsebenzi wezilimi oqashiwe noma uphiko lwezilimi oluhlongozwe kwisigatshana (1) lubhekele –

(a) ukuqinisekisa ukuthi lolo hlaka lukahulumeni –

(i) luqalisa izinhlinzeko zalo Mthetho nanoma imuphi umthethonqubo owakhiwe ngokwalo Mthetho;

(ii) lusungula futhi luqalisa inqubomgomo yezilimi yangaphakathi, njengoba kuhlangozwe esigabeni 13; futhi

(iii) luyahambisana nezidingo ezimayelana nokubika ezihlongozwe esigabeni 18;

(b) ukulawulwa nokubhekelela zonke izicelo eziphathelelele nokuhumusha, nokuhlela kanye nokutolika ezihlongozwe esigabeni 8, kulolo hlaka lukahulumeni oluthintekayo; kanye

(c) nokumela lolo hlaka lukahulumeni kwi-KWANILAFU.

#### **Ukuqapha nokubika mayelana nokusetshenziswa kwezilimi ezisemthethweni zesifundazwe**

**18.(1)** Izinhlaka zikahulumeni esiFundazweni kumele –

(a) zingakedluli izinyanga ezintathu kuphele unyaka wezimali ngamunye; noma

(b) ngaleso sikhathi esinganqunywa iLungu loMkhandlu oPhethe,

zithumele umbiko kwiLungu loMkhandlu oPhethe mayelana –

(i) nezinyathelo ezithathwe ilolo hlaka lukahulumeni ukuhambisana nezinhlinzeko zalo Mthetho;

(ii) nokusungulwa kanye nokuqaliswa kwenqubomgomo yangaphakathi, njengoba kuhlangozwe esigabeni 15;

(iii) nemisebenzi yanoma iluphi uphiko lwezilimi lwalolo hlaka lukahulumeni;

(iv) nanoma iziphi izikhalo ezitholwe yilolo hlaka lukahulumeni nokuthi kubhekwane kanjani nalezo zikhalo; kanye

(v) nanoma iluphi olunye udaba olunganqunywa iLungu loMkhandlu oPhethe.

(2) I-KWANILAFU kumele –

(a) zingakedluli izinyanga ezintathu ngemuva kokuphela konyaka wezimali ngamunye; noma



(b) ngaleso sikhathi esinganqunywa iLungu oMkhandlu oPhethe, yethulele iLungu loMkhandlu oPhethe umbiko wonyaka mayelana –

- (i) nokufezekisa kwayo izinhloso zayo, nokusebenzisa amandla ayo kanye nokwenza imisebenzi namajoka ayo;
- (ii) nanoma iluphi udaba oluthinta ukusetshenziswa kwalo Mthetho; kanye
- (iii) nanoma iluphi udaba olunganqunywa ukuba ilwethule.

(3) ILungu loMkhandlu oPhethe –

(a) ngemuva kokubonisana neKomidi leziLimi lesiFundazwe; futhi

(b) zingakedluli izinyanga ezinhlanu ngemuva kokuphela konyaka wezimali ngamunye,

kumele lethulele isiShayamthetho sesiFundazwe umbiko wonyaka mayelana nokuqaliswa kwalo Mthetho nanoma iyiphi enye inqubomgomo yezilimi yesifundazwe.

## ISAHLUKO 9

### IZINHLINZEKO EZEJWAYELEKILE

#### **Imithethonqubo**

**19.** ILungu loMkhandlu oPhethe, ngesaziso kwiGazethi futhi ngemuva kokubonisana neKomidi leziLimi lesiFundazwe, lingasungula imithethonqubo enquma –

- (a) nganoma iluphi udaba okudingeka noma okuvumeleke ukuba inqume ngalo ngokwalo Mthetho; noma
- (b) nganoma iluphi udaba oluphathelele nezokuphatha noma nezinqubo ukuze kuqaliswe izinhlinzeko zalo Mthetho.

#### **Ukudluliselwa kwamandla**

**20.(1)** ILungu loMkhandlu oPhethe lingadlulisela eKomidini leziLimi lesiFundazwe noma kwiNhloko yoMnyango –

- (a) noma imaphi amandla iLungu loMkhandlu oPhethe elithweswe wona ngokwalo Mthetho, ngaphandle kwamandla okusungula imithethonqubo ngokwesigaba 19; noma
- (b) noma iliphi ijoka elinikezwe iLungu loMkhandlu oPhethe yilo Mthetho.

(2) Noma imaphi amandla noma amajoka adluliselwe ngokwesigatshana (1) kumele

asetshenziswe noma afezwe kuncike kuleyo mibandela iLungu oMkhandlu oPhethe eliyibona ifanele.

(3) Noma ikuphi ukudluliselwa kwamandla ngokwesigatshana (1) –

(a) kumele kubhalwe phansi;

(b) angeke kuvimbele iLungu loMkhandlu oPhethe ukuba lisebenzise lawo mandla loma lifeze lawo majoka; futhi

(c) kungahoxiswa noma kuchitshiyelwe nganoma isiphi isikhathi ngencwadi yiLungu loMkhandlu oPhethe.

### **Ukuchithwa komthetho**

21. UMthetho weziLimi eziseMthethweni zePhalamende waKwaZulu-Natali, 1998 (uMthetho No. 10 ka 1998), ngalokhu uyachithwa.

### **Isihloko esifingqiwe**

22. Lo Mthetho ubizwa ngoMthetho weziLimi zesiFundazwe waKwaZulu-Natali, 2013.

**IMEMORANDAMU****NGEZINHLOSO****ZOMTHETHOSIVIVINYO WEZILIMI ZESIFUNDAZWE SAKWAZULU-NATALI, 2013****ISENDLALELO**

1.(a) Ngaphezu kokunquma izilimi eziyishumi nanye ezisemthethweni zeRiphabhulikhi yaseNingizimu Afrika, isigaba 6 soMthethosisekelo weRiphabhulikhi yaseNingizimu Afrika, 1996 (“uMthethosisekelo”) siphinde sihlizwe ngokuthi –

(i) uMbuso kumele uthathe izinyathelo ezibonakalayo nezifanele ukunothisa nokuthuthukisa ukusetshenziswa kwezilimi zomdabu;

(ii) uhulumeni kazwelonke nowesifundazwe, ngemuva kokubheka ukusetshenziswa kwezilimi, izinyathelo ezingasebenza, izindleko, izimo zezifunda kanye nokubhekelela izidingo zalabo bantu abahlosiwe, angasebenzisa okungenani izilimi ezimbili ezisemthethweni ngenhloso yokuqhuba imisebenzi kahulumeni. Omasipala kumele babhekelele izilimi ezikhulunywa nezikhethwa izakhamizi zabo, uma benquma mayelana nezilimi ezizosetshenziswa uma kuqhutshwa imisebenzi kahulumeni; futhi

(iii) uhulumeni kazwelonke nohulumeni bezifundazwe kumele balawule futhi baqaphe ukusetshenziswa kwezilimi ezisemthethweni ngokuthi basungule imithetho noma ngezinye izindlela.

(b) Ngenxa yale mibandela yoMthethosisekelo ebekwe ngasenhla, iLungu loMkhandlu oPhethe elibhekele ezobuciko namasiko esiFundazweni (“iLungu loMkhandlu oPhethe”) lihlose ukwethula uMthethosivivinyo weziLimi zesiFundazwe saKwaZulu-Natali.

**OKUSHIWO YIZINHLINZEKO ZOMTHETHOSIVIVINYO**

2.(1) Izinhlosongqangi zoMthethosivivinyo ukuhlinzekela –

(a) ukunqunywa kwezilimi ezisemthethweni zesifundazwe;

(b) ukulawulwa nokuqashwa kokusetshenziswa kwezilimi ezisemthethweni zesifundazwe izona zonke izinhloko zikahulumeni esiFundazweni;

(c) ukusungulwa koPhiko lweziLimi lwesiFundazwe saKwaZulu-Natali nesiGungu zeziLimi zeziNhlaka zikaHulumeni saKwaZulu-Natali;

(d) izindlela zokuthuthukisa izilimi zomdabu nolimi lwezimpawu esiFundazweni;

- (e) ukuchithwa koMthetho weziLimi eziseMthethweni zePhalamende waKwaZulu-Natali, 1998 (uMthetho No. 10 ka 1998); kanye
- (f) nokuhlinzekela okunye okuphathelene nalokho.

(2) ISahluko 1 soMthethosivivinyo sihlinzekela izincazelo.

(3) ISahluko 2 sihlinzekela izinhloso nokusebenza koMthethosivivinyo. UMthethosivivinyo, uma usuphasisiwe waba uMthetho, uyosebenza kuzona zonke izinhloso zikahulumeni esiFundazweni.

(4)(a) ISahluko 3 soMthethosivivinyo sihlinzekela ukunqunywa kwezilimi ezisemthethweni zesiFundazwe saKwaZulu-Natali okuyisiZulu, isiNgisi, isiXhosa nesiBhunu.

(b) ISahluko 3 sihlinzekela ukusetshenziswa kwezilimi ezisemthethweni zesifundazwe. Lesi sahluko siphinde sihlinzekele nemisebenzi yokuhumusha, yokuhlela neyokutolika.

(5)(a) ISahluko 4 sihlinzekela ukusungulwa koPhiko lweziLimi lwesiFundazwe, okuwuphiko olukhethekile olungaphakathi eMnyangweni. Lesi sahluko siphinde sihlinzekele amandla, imisebenzi namajoka oPhiko lweziLimi lwesiFundazwe, ebandakanya phakathi kokunye -

- (i) ukuqapha ukusetshenziswa kwalo Mthetho, imithethonqubo, nezinqubomgomo zangaphakathi, izinhloso zikahulumeni esiFundazweni;
- (ii) ukugqugquzela nokuqapha ukuphathwa kahle kwezilimi izinhloso zikahulumeni esiFundazweni; kanye
- (iii) nokugqugquzela nokuqapha ukuhlonishwa kwamalungelo ezilimi zezakhamuzi zesiFundazwe izona zonke izinhloso zikahulumeni esiFundazweni.

(6) ISahluko 5 sihlinzekela ukusungulwa kwesigungu sezilimi zeziNhlaka zikaHulumeni, esibizwa ngesiGungu zeziLimi zeziNhlaka zikaHulumeni saKwaZulu-Natali (KWANILAFU).

(7) ISahluko 6 sihlinzekela ukusungulwa kwezinqubomgomo zangaphakathi zezilimi izona zonke izinhloso zikahulumeni esiFundazweni. Lesi sahluko siphinde sihlinzekele ukusungulwa kwenqubomgomo yaKwaZulu-Natali yokuthuthukiswa nokunothiswa kwezilimi zomdabu.

(8) ISahluko 7 sihlinzekela izindaba eziphathelene nokulalelwa kwezikhalo nokungaboni

ngaso linye okudalwa ukungahlonishwa kwanoma imaphi amalungelo ezilimi noma kwanoma iziphi izinhlinzeko zalo Mthethosivivinyo.

(9) ISahluko 8 sihlizekela izinhlelo zokuqapha nokubika mayelana nokusetshenziswa kwezilimi ezisemthethweni zesifundazwe.

(10) ISahluko 9 sihlizekela izinhlinzeko ezejwayelekile okuyimithethonqubo, ukudluliselwa kwamandla, ukuchithwa koMthetho weziLimi eziseMthethweni zePhalamende waKwaZulu-Natali, 1998 (uMthetho No. 10 ka 198) nesihloko esifingqiwe soMthetho.

### **IZINGQINAMBA KWEZOKUPHATHA NEZABASEBENZI KUHULUMENI WESIFUNDAZWE**

3. Azikho.

### **IZIMALI EZIZODINGEKA KUHULUMENI WESIFUNDAZWE**

4. Azikho.

### **IMINYANGO/IMIGWAMANDA OKUBONISWENE NAYO**

5. Kwamenywa bonke abamele yonke iMinyango yesiFundazwe nomasipala besiFundazwe, izifundiswa nongoti kwezezilimi nabo bamenywa ukuba babeke izimvo nemibono yabo ngalo Mthethosivivinyo.

### **IZINGQINAMBA NGOKOMTHETHOSISEKELO**

6. UMthethosivivinyo uhlose ukushayela oMasipala esiFundazweni umthetho mayelana nokuthi kumele balihloniphe kanjani ilungelo lamakhasimende abo mayelana nezilimi uma benza imisebenzi yabo; yingakho kusebenza isigaba 154(2) soMthethosisekelo weRiphabhulikhi yaseNingizimu Afrika, 1996. Ngokwalezi zinhlinzeko okukhulunywe ngazo, iLungu loMkhandlu oPhethe kumele ngaphambi kokwethula lo Mthethosivivinyo kwisiShayamthetho, liwushicilele ukuze umphakathi ubeke izimvo nemibono yawo, ngendlela evumela ukuthi ohulumeni basekhaya kanjalo nabantu abanentshisekelo bathole ithuba lokwenza izethulo ngoMthethosivivinyo.

**DEPARTEMENT VAN KUNS, KULTUUR, SPORT EN ONTSPANNING****PUBLIKASIE VAN DIE KWAZULU-NATAL WETSONTWERP OP PROVINSIALE TALE, 2013, IN OOREENSTEMMING MET ARTIKEL 154(2) VAN DIE GRONDWET VAN DIE REPUBLIEK VAN SUID-AFRIKA, 1996**

1. In ooreenstemming met artikel 154(2) van die Grondwet van die Republiek van Suid-Afrika, 1996 (Wet 108 van 1996), word die KwaZulu-Natal Wetsontwerp op Provinsiale Tale, 2013, hiermee gepubliseer vir openbare kommentaar.

2. Georganiseerde plaaslike regering, munisipaliteite en ander belanghebbendes word genooi om skriftelike kommentaar op die voorgestelde Wetsontwerp nie later nie as 30 dae na die publikasie van die kennisgewing in te dien, per –

(a) pos aan die Departementshoof, Kuns en Kultuur, Privaatsak X9140, Pietermaritzburg, 3200;

(b) hand na die 2de vloer, Heritage House, Jabu Ndlovustraat 222, Pietermaritzburg, Aandag: Mnr MB Mnguni;

(c) faks na: (033) 264 3494; of

(d) e-pos aan: [mngunim@kzndac.gov.za](mailto:mngunim@kzndac.gov.za).

Gegee onder my Hand te ..... op hierdie ..... dag van ....., Tweeduisend-en-Dertien.

**ME NN SIBHIDLA-SAPHETHA, LUR**

Lid van die Uitvoerende Raad van die Provinsie van KwaZulu-Natal  
verantwoordelik vir Kuns, Kultuur, Sport en Ontspanning



Printed by and obtainable from the Government Printer, Bosman Street, Private Bag X85, Pretoria, 0001  
Publications: Tel: (012) 334-4508, 334-4509, 334-4510